

UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo
eyiSesekelo,



UMnu Enver Surty,
iSekela loMnyango
weMfundo eyiSesekelo.

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uMnu Enver Surty.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

# Uma kufundwa umbhalo




## Ngaphambi kokufunda




- Zama ukukhumbula izinto ozaziyo ngesihloko.
- Cabanga ngombhali kanye nesikhathi incwadi eshicilelwe ngaso.
- Funda ipharagrafu yokuqala neyokugcina yengxenye yokuqala.
- Zama ukuqagela ukuthi umbhalo lowo uzokhuluma ngani.




## Ukufunda




- Ngenkathi ufunda, thatha ikhefana njalo nje ukuziqinisekisa ukuthi uyakuqonda okufundayo.
- Qhathanisa ukuqagela kwakho nalokho okuthola uma ufunda.
- Uma ungayazi incazelo yamanye amagama, yifune esichazamazwini.
- Uma kunengxenye ongayizwa, yifunde futhi kancane kancane. Phinda uyifunde uphimisele.

## Emva kokufunda



- Zama ukukhumbula izinto ezibalulekile.
- Yenza ibalazwe lemibono eqavile.
- Bhala isifinyezo ukuzikhumbuza amaphuzu abalulekile.
- Sebenzisa amaphuzu owatholile uwabhale wena phansi.


Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa


© Department of Basic Education


Ninth edition 2019

ISBN 978-1-4315-0062-8


The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

**This book may not be sold.**

# UMHLAHLANDLELA KATHISHA – IBANGA LESI-2 ULIMI

**Sebenzisa le ncwadi kanye nezinye ukukhulisa abafundi bakho ngalokhu:**

- **Ukusetshenziswa kwezincwadi: Indlela yokuvula kahle amakhasi uze uyophumela ngale kwencwadi.**
- **Ukuma kwencwadi: Ikhasi langaphambili, elangemuva, isihloko kanye nokuqukethwe.**
- **Umkhombandlela: ukufunda usuke ekuqaleni uye ekugcineni, ukuqala kwesokunxele uye kwesokudla kanye nokuqala phezulu uye phansi.**

## AMASU OKUFUNDISA

### Ukulalela nokukhuluma

**Funda ngalokhu encwadini** *iCurriculum and Assessment Policy Statement* **(isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 10.**
**Abafundi kumele babe nezindaba abazifundayo, imilolozelo emifushane, izinkondlo namaculo, masonto wonke.**

### Ingxoxo ngezithombe

1. **Siza abafundi kulokhu:**
   - **Ukuthola nokuxoxa ngezinto ezisezithombeni (usayizi, isimo, umbala nenani)**
   - **Ukuqonda izithombe ngokubuza imibuzo ethi: ngubani, yini, ikuphi, nini, ngani, kwenzekeni ngaphambilini, kwase kwenzekani kamuva?**
   - **Ukwenza indaba yaseklasini (ubude bulingane nezinga lokuthuthuka asebekulo abafundi)**
2. **Vumela abafundi baxoxele umngani indaba yaseklasini.**
3. **Khombisa ukubhalwa kwendaba yaseklasini (I-CAPS Olimini Lwasekhaya, ikhasi 12, ukufunda ngokuhlanganyela). Vezela abafundi njalo nje ukusetshenziswa kwawofeleba, ukuhlukaniswa kwamagama kanye nokusetshenziswa kwezimpawu.**
4. **Vumela abafundi bafunde kanye nawe indaba yaseklasini.**
5. **Cela abafundi badwebele noma bakokelezele imisindo, amagama amasha noma ulimi nokusebenza kwalo endabeni yaseklasini kulelo sonto.**

### Ukufunda

**Bhekisa encwadini** *iCurriculum and Assessment Policy Statement* **(isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 12-18, mayelana nezinto ezinhlanu ezibalulekile ekufundiseni ukufunda umbhalo.**

### Ukubhala

**Bhekisa encwadini** *iCurriculum and Assessment Policy Statement* **(isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 18-19, mayelana nokubhala ngesandla kanye nokubhala ngokujwayelekile**.
*Gcizelela lokhu nsuku zonke:*

- **ukusebenzisa ngokuyikho amakhrayoni namapensela**
- **umkhombandlela: ukubhala usuke kwesokunxele uye kwesokudla, nokuqala phezulu wehle**
- **Ukusebenzisa amabhokisi alandelanayo ukukhombisa ukwakhiwa kwezinhlamvu kanye nenkombandlela**

### Uhlale ukukhumbula lokhu:

- **Izindlela abafunda ngazo abafundi kazifani. Kubalulekile ukuthi umfundi asizwe ngezinsizakubona, ngokulaleliswa kanye nangokusebenzisa ulwazi analo ukuze afunde ngokukhululeka.**
- **Ukufunda kwenzeka kahle uma izinto ziphindaphindwa.**
- **Abafundi kumele bafundiswe, ngakho imisebenzi yokwenziwa kumele bazijwayeze yona ngaphambi kokuthi bayibhale, isb.:**

  **Amagama amasha: Nikeza abafundi ithuba lokwakha amagama besebenzisa amakhadi.**
  **Ukuqonda: Abafundi kumele baqedele izimpendulo ngomlomo emaqenjini abo ngaphambi kokuzibhala. Umholi weqembu ubuza imibuzo, bese kuthi amalunga eqembu athole izimpendulo bese eyiphendula imibuzo.**
  **Ukukhetha amagama okuqedela imisho. Nikeza amaqembu imisebenzi engaqedelwe yokubhalwa kanye namakhadi alungiselelwe amagama. Abafundi mabaqedele imisho ngokubhala amagama emakhadini ngendlela efanele.**
  **Ukuqondanisa amagama nezithombe (ikhasi 17): Khulisa ikhasi libe wusayizi we-A3. Emaqenjini abafundi, kumele abafundi babeke izimpawu ezifanele ezimpendulweni ezifanele.**
  **Ukuqondanisa izingxenye ezimbili zomusho (ikhasi 84): Emaqenjini abafundi, kumele abafundi baqondanise izingxenye zemisho.**
  **Ukubhala eyakho indaba yephephandaba (ikhasi 128: Nikeza abafundi ithuba lokubhala indaba eklasini, kulandele ukuthi ibhalwe yiqembu ngaphambi kokuthi bayibhale ngamunye ngamunye.**
  **Izichazamazwi: Sebenzisa izichazamazwi nsuku zonke. Yikhono lomfundi ngamunye eliveza ukuthi umsebenzi ulukhuni kangakanani. Kungadingeka nokuthi ubanike amakhasi kweminye imisebenzi abayenzayo.**

  **Qaphela lokhu: Ngenkathi besebenza ngamaqembu, nika umholi weqembu izimpendulo ukuze akwazi ukusiza ngazo amalunga eqembu lakhe ngendlela efanele.**

Okuqukethwe

# Indikimba 5: Esikwenze ngamaholidi

Ithemu 3: Amasonto 1 – 4


**65 Emva kwamaholidi** 2
Ufunda itekisi.
Uphendula imibuzo emayelana netekisi.
Imisindo: qw, sw, tw, xw, zw.
Ubhala imisho.
Ubhala isigaba mayelana namaholidi.

**66 Esikwenze ngamaholidi** 4
Ugcwalisa izehlakalo ekhalendeni.
Uphendula imibuzo mayelana nekhalenda.
Uthola amabizoqho afanele emishweni.
Umsebenzi wokudlala owethula ubunini.

**67 UBongi ubeye emcimbini wosuku lokuzalwa** 6
Ufunda itekisi eliyingxoxo.
Uphendula imibuzo eminingi ekhethisayo mayelana netekisi.
Imisindo: gc, gx, gq, ts.
Ubhala imisho.

**68 Izinsuku ezibalulekile, imilayezo ebalulekile** 8
Ulandelanisa izithombe ngokwendaba.
Ubhala umusho ngesithombe ngasinye.
Ubhala umlayezo obalulekile encwadini yomngani.
Uhlela amagama ngokufanele emabhokisini emisindo.
Imisindo: qw, sw, tw, xw, zw.

**69 UJabu ubeye ezu** 10
Ufunda itekisi elixoxa ngoJabu eya ezu.
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.
Imisindo: gc, gx, gq, ts.
Ubhala ipharagrafu ngokwenzeke ezu.

**70 Siyazithanda izilwane** 12
Imisindo: Uhlela amagama ngamabhokisi emisindo (amalunga ano-i o no-e i)
Ubhala imisho emi-5 mayelana nezilwane zasezu.
Ufundela umngani imisho.
Uthola amagama aphikisanayo.
Ukudlala: Ufaka umbala esithombeni elandela ikhodi yemibala.

**71 UBebe ubeye esikhumulweni sezindiza** 14
Ufunda itekisi ngoBebe esesikhumulweni sezindiza.
Uphendula imibuzo emayelana netekisi.
Imisindo: qw, sw, tw, xw, zw.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Ubhala ipharagrafu ngohambo olubalulekile.

**72 Izindiza** 16
Uqondanisa inkathi yamanje nedlule emagameni.
Usebenzisa izinhlamvu ze-alfabhethi ngokulandelana ukuqedela umdwebo wesithombe.

**73 UNomsa ubeye emsebenzini nonina** 18
Ufunda itekisi elixoxa ngoNomsa nonina.
Uphendula imibuzo eminingi ekhethisayo mayelana netekisi.
Imisindo: gc, gx, gq, ts.

**74 Sikhathi sini?** 20
Udweba izinti zewashi ukukhombisa izikhathi azinikeziwe.
Ubhala izinto abazenze ngezikhathi ezithile.
Unikeza ubuningi kanye nobunye bamagama.
Udizayina iphosta emayelana nokuzothengiswa.

**75 UCebo ubeye emtatsheni wezincwadi** 22
Ufunda itekisi elixoxa ngoCebo eya emtatsheni wezincwadi.
Uthola amagama afanele ukuqedela imisho emayelana netekisi.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikiwe.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Imisindo: qw, sw, tw, xw, zw.

**76 Izincwadi emtatsheni wezincwadi wangakithi** 24
Udweba isithombe sencwadi abayithandile.
Ubhala ngencwadi ethile.
Uqondanisa inkathi edlule neyamanje.
Uthola amagama aveza inkathi yamanje noma edlule ngokufanele emishweni.
Uqagela esusela emakhaveni ezincwadi awanikiwe.

**77 UThabo uya emdlalweni webhola lezinyawo** 26
Uxoxa ngokuqagela indaba.
Ufunda itekisi elixoxa ngoThabo.
Ubhala isihloko sesithombe ngasinye.
Ugcwalisa amagama emabhokisini emisindo afanele.
Ubhala umusho ngesithombe ngasinye.
Imisindo: ndl, nhl.

**78 Umdlalo webhola lezinyawo** 28
Uhlela amagama ngamabhokisi afanele emisindo u e, u i.
Uthola inkathi edlule ngokufanele.
Udlala umdlalo wamagama.

**79 Ichwane elibi ledada** 30
Uxoxa ngesithombe esisendabeni yamakhathuni.
Ufunda itekisi elixoxa ngechwane elibi ledada.

**80 Ichwane elibi ledada (iyaqhutshwa)** 32

**80a Ichwane elibi ledada (iyaqhutshwa)** 34




# Emva kwamaholidi



Masifunde




Namhlanje sibuyele esikoleni emva kwamaholidi.

Sijabulile ukubona abangani bethu futhi.

Uthisha ucele simxoxele ukuthi kwenzekeni ngamaholidi.

Simkhombise izithombe zeholidi lethu. Sazidlulisa sinikezelana omunye nomunye.



UJabu ubeye ezu.




UCebo ubeye emtatsheni wezincwadi.



UThabo ubeye eSoccer City.



UBebe ubeye esikhumulweni sezindiza.



UBongi ubeye emcimbini wosuku lokuzalwa.

Usuku:

UNomsa ubeye emsebenzini kanina.





UJimi ubeye kwadokotela.

**Masibhale** Gcwalisa igama lomntwana ngamunye.
Manje bhala ukuthi baye baya kuphi noma benzeni ngeholidi labo.

| Igama | UBongi | | | |
|---|---|---|---|---|
| Indawo | Umcimbi wosuku lokuzalwa | | | |


| Igama | | | |
|---|---|---|---|
| Indawo | | | |

**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| uqweqwe | swaca | itwetwe | xwayisa |
| qwa | uswazi | twetwa | xwaya |
| qwaqwada | swela | utwayi | isixwayiso |

**Amagama okubhekisiswa**

bethu
futhi
ukubona



**Masibhale** Bhala imisho emibili usho ukuthi wenzeni ngeholidi lakho.

TEACHER: Sign ______ Date ______

# Esikwenze ngamaholidi






Masenze lokhu

Buka lezi zinto ezenzekile ezibalulekile.
Gcwalisa ikhalenda ngazo.

| | |
|---|---|
| Usuku lokuzalwa lukaJabu lumhla zingama-25 kuNtulikazi. | UBebe kufanele aye kwadokotela mhla zingama-18 kuNtulikazi. |
| Usuku lokuzalwa lukaMimi lumhla zi-3 kuNtulikazi. | UBongi uzoya ezu mhla zingama-21 kuNtulikazi. |
| UCebo kufanele abuyisele incwadi yakhe emtatsheni wezincwadi mhla ziyisi-5 kuNtulikazi. | UMimi uzovakashela ugogo wakhe mhla zingama-28 kuNtulikazi. |
| UThabo uzoya ebholeni lezinyawo mhla ziyi-13 kuNtulikazi. | UBongi uzovakashela uMimi mhla ziyi-13 kuNtulikazi. |





| uNtulikazi | | | |
|---|---|---|---|
| uMsombuluko | uLwesibili | uLwesithathu | uLwesine |
| 1 | 2 | 3 Usuku lukaMimi lokuzalwa | 4 |
| 8 | 9 | 10 | 11 |
| 15 | 16 | 17 | 18 |
| 22 | 23 | 24 | 25 |
| 29 | 30 | 31 | |



Masibhale

Phendula le mibuzo ngekhalenda.

| | |
|---|---|
| Ngeyayiphi inyanga le khalenda? | |
| Zingaki izinsuku kule nyanga? | |
| Umhla zingama-25 ukuluphi usuku? | |
| Mangaki amaSonto akhona kule nyanga? | |
| Iyiphi inyanga efika kuqala kunalena, iyiphi futhi efika kamuva? | |

Usuku:



Masibhale

Funda le misho ngamunye, uzungelezele igama ongalisebenzisa endaweni yaleli elidwetshelwe.




Wena, yena bona, zona, kona; yizabizwana esiyaye sizisebenzise esikhundleni samanye amagama.

| | | | |
|---|---|---|---|
| UBongi uthanda ukudlala noNomsa. | Wena | Yena | Yona |
| UJabu uthanda ukuya ezu. | Wena | Yena | Yona |
| UCebo uthanda ukufunda izincwadi. | Wena | Yena | Yona |
| UBebe ubone indiza. | Wena | Yena | Yona |
| UCebo noBongi bangamantombazana. | Bona | Yena | Yona |


| | | |
|---|---|---|
| uLwesihlanu | uMgqibelo | iSonto |
| 5 | 6 | 7 |
| 12 | 13 | 14 |
| 19 | 20 | 21 |
| 26 | 27 | 28 |





Masizijabulise

Landela amachashazi ukubona ukuthi benzeni ngamaholidi abo.



# UBongi ubeye emcimbini wosuku lokuzalwa





Masifunde

Ngamaholidi kaNtulikazi uBongi ubeye emcimbini wokuzalwa kukaNana.

Bekunamantombazana nabafana abaningi emcimbini.

UNana uthole amathoyisi amaningi ngoba bekuwusuku lwakhe lokuzalwa. Besijabulile.





UNana uphephethe amakhandlela ayisishiyagalombili, wayesedla amaswidi nekhekhe.

Ngaphambi kokubuyela ekhaya sibilise amanzi senza itiye.

Sonke siye sadlala ibhola lezinyawo esivandeni.

USipoti ulume ibhola laqhuma.

USipoti akaziphathanga kahle. Akakwazi nokuthi nxese ngalokho.





Bonke abantwana babhale imiyalezo ebalulekile encwadini yosuku lokuzalwa lukaNana. UBongi ubhale wathi.

Usuku oluhle lwesi-8
lokuzalwa kwakho, Nana.
Ngiyabonga ukuthi
ungimeme ngize emcimbini
wakho wosuku lokuzalwa.
Yimina uBongi

Usuku:

Masibhale Funda le ndaba futhi bese ubeka uphawu ✓ empendulweni efanele.

| Ngubani obe nomcimbi wosuku lokuzalwa? | |
|---|---|
| A | nguNana |
| B | nguBongi |
| C | nguJabu |

| Wenziwe nini umcimbi? | |
|---|---|
| A | ngoNhlaba |
| B | ngoNhlangulana |
| C | ngoNtulikazi |

| Mangaki amakhandlela awaphephethile uNana? | |
|---|---|
| A | Amakhandlela ama-5 |
| B | Amakhandlela ayi-6 |
| C | Amakhandlela ayi-8 |

| Midlalo mini abayidlalile? | |
|---|---|
| A | Ibhola lezandla |
| B | Ibhola lezinyawo |
| C | Ibhola lombhoxo |

Sisebenza ngamagama Funda la magama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| gcina | gxoba | gqoka | itsako |
| gcona | gxeka | gqoma | ipitsi |
| gcoba | gxila | isigqoko | utsotsi |

**Amagama okubhekisiswa**

ngoba
waluma
kahle

Masibhale Kopisha umusho.


Abafana bawajabulele amathoyisi.

Usuku:



## Masizijabulise

UBongi ubhalele uNana umlayezo obalulekile ngosuku lwakhe lokuzalwa. Dlulisela incwadi kubangani bakho aba-4 ubacele babhale umyalezo bawubhekise kuwe encwadini yakho. Nawe ungabhala umlayezo obalulekile ezincwadini zabo.




Imilayezo ebalulekile evela kubangani bami.





## Masibhale

Hlela la magama uwafake ezikhaleni ezifanele.

ixoxwana, isiqwayi, emotweni, swaca, twetwa, xwaya, exoxweni, esiqwini, umqwebu, swi, kuvotwa



# UJabu ubeye ezu





Masifunde UJabu utshela iklasi ngohambo lwakhe lwasezu. Uthi.

Ngiye ezu nomndeni wami. Siye ngetekisi ngoba bekubanda.






Sibone izilwane eziningi.

Sibone amadube, amabhubesi nezinyamazane.

Ngikujabulele ukubona indlulamithi ende kakhulu, ngagcina ngibone nendlovu enkulu nemvubu.

Sibone nezilwane zasepulazini. Amachwane enkukhu abemi eklelile.

Ngithe ngisabuka izilwane, inkawu yathatha ibhola lami. Ilithathe yayohlala nalo phezu kodonga.

Kamuva ngiye epikinikini yokudla kwasemini nabangani bami.

Hhayi-ke, sahlala phansi kwesihlahla otshanini obuluhlaza.

Usuku:

**Amagama okubhekisiswa**

lwakhe

wami

ngoba



**Masibhale** Funda le ndaba, bese uphendula imibuzo.

| |
|---|
| Ubehambe nobani uJabu ukuya ezu? |
| Uhambe no- |
| Bahambe ngani ukuya ezu? |
| Bahambe nge- |
| Baboneni ezu? |
| Babone |
| Ithatheni inkawu kuJabu? |
| Inkawu ithathe kuJabu |



**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| gcizelela | gxuma | uMgqibelo | itsunami |
| isigcaki | gxoba | isigqebhezi | umtsalo |
| igceke | isigxobo | isigqiki | ubhotsotso |





**Masibhale** Bhala usho ukuthi kwenzekeni ezu.

TEACHER: Sign ______ Date ______

# Siyazithanda izilwane





Masenze lokhu

Buka imisindo kula magama. Bheka isipelingi-ke manje. Faka ebhokisini elilodwa amagama anawonkamisa abafanayo.


leli yizo lezi yikho yibo bemi bethi yilo ethi isho emi iso






Masenze lokhu

Faka izimpawu zokubhala kule misho.



ubeyephi ujabu

ubesezu ngesonto

uboneni


ubone amabhubesi izindlovu kanye nezinkawu

Usuku:





## Masibhale

Dweba umugqa usuke emagameni asatshani uye emagameni asasibhakabhaka asho okuphikisayo. Isibonelo, sihlanganise okude nokufushane. Okude yigama elisho okuphikisana nokufushane.



| | | |
|---|---|---|
| okude | | okuncane |
| phezulu | | okufushane |
| okukhulu | | phansi |
| kujabulile | | ngemuva |
| ngaphambili | | kuyabanda |
| kuyashisa | | kamuva |
| kuqala | | kudumele |






## Masizijabulise

Faka umbala ezikhaleni ukuthola ukuthi silwane sini lesi. Manje faka umbala osasibhakabhaka esibhakabhakeni, nosatshani ezihlahleni.





# UBebe ubeye esikhumulweni sezindiza







Masifunde

UBebe uye wayobona izindiza noyise esikhumulweni sezindiza.

Babone izindiza eziningi ezinkulu. Ijambojethi indize yadlula.

Beyithwele abantu abangama-350.

Izindiza bekungathi zishaya phansi enhlabathini uma zihlala.



UBebe ubuke izindiza ezinkulu zisuka ezinye zihlala.

Indiza ngayinye beyinefulegi lesizwe elipendwe emsileni wayo.

Izindiza ezibuyayo bezifika zihlale emzileni wokuhlala.

UBebe unqume khona lapho ukuthi uzokuba umshayeli wendiza uma ekhula. Ufuna ukundizisa ijambojethi.

Usuku:



**Masifunde** Funda le ndaba uphendule imibuzo.

| Amagama okubhekisiswa |
| --- |
| ubuke |
| zisuka |
| wayo |

UBebe uye nobani esikhumulweni sezindiza?

Uhambe no-

Baboneni?

Babone

Bangaki abantu abangathwalwa yijambo jethi?

Balinganiselwa kwaba-

Ufuna ukuba yini uBebe uma esekhulile?

Ufuna ukuba



**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
| --- | --- | --- | --- |
| iqwele | esweni | itwani | ukuxwayana |
| qwasha | swaca | kuyavotwa | exoxweni |
| emgwaqweni | eSwazini | utwayi | isixwayiso |



Bhala usho ukuthi kwenzekeni ohambeni lwakho obelungajwayelekile. **Masibhale**



# UNomsa ubeye emsebenzini nonina





Masifunde

Ngamaholidi, ubengekho umuntu obezoqaphela uNomsa. Ubeye nomama wakhe emsebenzini. Basuke ngehora lesi-8 nqo. Unina kaNomsa uthengisa izithelo nemifino. UNomsa uyaye asize umama wakhe.

UNomsa wenze iphosta enkulu.

Abantu babone iphosta beza bazothenga.

UNomsa ubepakisha izithelo ezilandelanisa. Zibukeke kahle.



Uma eqeda umsebenzi wakhe, uphumule wafunda incwadi yakhe ekhuluma ngezinja.



Ngehora lesi-5 nqo babuyele ekhaya. UNomsa ubejabulile uma engena etekisini.



Masibhale Funda indaba bese ubeka uphawu ✓ empendulweni efanele.

| Wenza msebenzi muni unina kaNomsa? | |
|---|---|
| A | Uthengisa izithelo. |
| B | Uthengisa imifino. |
| C | Uthengisa izithelo nemifino. |

| Uhambeleni nonina ukuya emsebenzini uNomsa? | |
|---|---|
| A | Kwakungekho muntu ozosala naye. |
| B | Wayefuna ukusiza umama wakhe. |
| C | Wayengazi ukuthi uzokwenzani. |

Usuku:

| Umsize kanjani unina uNomsa? | |
|---|---|
| A | Wabeka izithelo nemifino ngokulandelana. |
| B | Wenza iphosta. |
| C | Wabeka kahle izithelo nemifino wayesenza iphosta. |

| Yini ayenzile uNomsa emva kokusiza umama? | |
|---|---|
| A | Uye wafunda. |
| B | Uye walala. |
| C | Uye wadlala. |

| Bekusikhathi sini ngenkathi beya ekhaya? | |
|---|---|
| A | Ngehora lesi-3 nqo |
| B | Ngehora lesi-5 nqo |
| C | Ngehora lesi-7 nqo |

| Babuyele kanjani ekhaya oNomsa benomama wakhe? | |
|---|---|
| A | Ngemoto |
| B | Ngebhasi |
| C | Ngetekisi |



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| egcekeni | ukugxuma | gqiba | itsunami |
| ukugcaba | igxaba | eggqumeni | itsako |
| egcakini | umgxala | gqakaza | tsa |

**Amagama okubhekisiswa**

engena
wenze
wakhe





Masibhale

Kopisha umusho.

Ubeke kahle
ama-aphula.

Usuku:

# Ubuningi

Uma sikhuluma ngezinto ezingaphezu kweyodwa, siguqula uhlamvu oluthile egameni.
Uma intombazana ingeyinye sithi amantombazana, nomfana ongemunye sithi abafana. Amagama aveza into ukuthi ayiyinye siwabiza ngobuningi. Igama elingenabo ubuningi sithi liwubunye. Amagama anobuningi asebenzisa izinhlamvu ezahlukene njengokuthi: ama-, izi-, aba-, njll.



**Masibhale** Nikeza ubuningi bala magama.








| ikati | amakati |
|---|---|
| isisu | |
| inkukhu | |
| ikhanda | |
| isicabucabu | |
| ikhekhe | |







| inkomo | izinkomo |
|---|---|
| umuntu | |
| umuzi | |
| isinkwa | |
| idolo | |
| inja | |



**Masizijabulise**

Yenza iphosta yokuthengisa okuthile. Dweba isithombe ukhombise ukuthi uthengisani.



## Siyathengisa



Uthengisani?


Ibiza malini?

Singayithenga kuphi?

Dweba isithombe sento oyithengisayo.

# UCebo ubeye emtatsheni wezincwadi





Masifunde

UCebo uhambe noMimi baya emtatsheni wezincwadi.

UMimi ubedudula uCebo ngesihlalo sakhe sabakhubazekile.

Babuke izincwadi eziningi.



UCebo uthande izincwadi ezikhuluma ngezilwane.

UMimi uthande izincwadi ezinezindaba.

Uthisha ubafundele indaba ngesikhathi besemtatsheni wezincwadi.

Kuthiwe bavumelekile ukuya nazo ekhaya izincwadi.

Kuthiwe futhi uma sebeqedile ukuzifunda bangazibuyisa bathathe ezinye.

Kunezincwadi eziningi ezimnandi emtatsheni wezincwadi.

Usuku:



Masibhale

Sebenzisa la magama ukuqedela imisho.

yezindaba | uthisha | amabili | enezilwane | uMimi

**Amagama okubhekisiswa**

izincwadi
uhambe
nazo
ezinye

UMimi wathanda incwadi ____________________.

____________________ yena wadudula uCebo ngenqola yabakhubazekile.

Ungayithatha enye incwadi emva kwamasonto ____________________.

____________________ wabafundela indaba.



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

ihlo

ingoma | unyaka | ihlombe | thola | ingubo | enye | thina

| ingena | inyoni | isihlalo | uthi |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |



Masibhale

Cela abangani aba-5 bakunike amagama ezincwadi abazithanda kakhulu. Bhala igama lomngani bese kuthi eduze kwalo ubhale igama lencwadi ayithanda kakhulu. Manje gcwalisa igama lakho nencwadi oyithanda kakhulu wena. Thikha izincwadi ofisa ukuzifunda.

| Igama | Incwadi ethandeka kakhulu | |
|---|---|---|
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |

TEACHER: Sign ________ Date ________

# Izincwadi emtatsheni wezincwadi wangakithi




**Masenze lokhu** Dweba isithombe sencwadi oyithandile bese ubhala ngekushoyo.



Besithini isihloko sencwadi?

Dweba isithombe sekhava yaleyo ncwadi.

Bhala imisho emibili usho ukuthi incwadi beyimayelana nani.



**Masibhale** Qondanisa inkathi edlule neyamanje kula magama.

sibone, silala, sibona, sihambe, sihamba, sisuke, sisale, sisuka, sidla, sidle

Igama *sibona* lisitshela ngenkathi yamanje. Igama *sibone* lisitshela ngenkathi edlule.


**Masibhale** Funda imisho uzungelezele igama elifanele.


| | |
|---|---|
| Ebusuku bayizolo sibona / (sibone) inyanga. | Manje sidle/sidla ukudla kwasekuseni. |
| Manje sibone/sibona ilanga. | Izolo ebusuku sisuke/sisuka sayolala. |
| Sidle/sidla ukudla kwasemini izolo. | Manje sisuke/sisuka siya esikoleni. |

Usuku:

## Masizijabulise


Tshela umngani wakho ukuthi ucabanga ukuthi zimayelana nani lezi zincwadi ezingezansi. Yisho ukuthi yiziphi othanda ukuzifunda. Zinikeze izinombolo usuke kweyoku-1 uye kweyesi-4. Eyoku-1 yincwadi oyithanda kunazo zonke, eyesi-4 ngoyithanda kancane kunazo zonke.












## Masibhale

Khetha incwadi eyodwa ubhale imisho emihlanu usho ukuthi ucabanga ukuthi ikhuluma ngani incwadi oyikhethile.

Usuku:



## Masifunde



**Amagama okubhekisiswa**
- uthanda
- kuvele
- omkhulu

UThabo uthanda ibhola lezinyawo. Uhambe noJabu benoBebe ukuyobona umdlalo omkhulu.

Bekudlala iChiefs neSundowns. Bekunezinkulungwane zabantu kulo mdlalo.

Bebefutha amavuvuzela. Kuvele kwafika imvula. Babuyele ekhaya ngesitimela.



## Masibhale

Manje bhala isihlokwana esisodwa ngezansi kwesithombe ngasinye ekhasini elingaleya.






## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

inhlanhla | indlala | indlu | indlovu | inhloso | inhlanzi






## Masibhale

Bhala umusho owodwa ngesithombe ngasinye kwezibhekene naleli khasi.

1 ____________________

2 ____________________

3 ____________________

4 ____________________

# Umdlalo webhola lezinyawo






Bhala amagama anawonkamisa abafanayo ebhokisini elilodwa. Buka igama ngalinye bese ulibhala ebhokisini elifanele.

uphi, kuhle, kuphi, kushe, kubi, kuwe, kuse, kuthi, luthi, uthi, kuze, kume










Kokelezela igama elifanele mayelana nokwenzeke emdlalweni webhola lezinyawo izolo.

| |
|---|
| Izolo sihamba/sihambe ngesitimela saya enkundleni. |
| Thina sibuka/sibuke iSundowns idlala. |
| Abadlali bakhahlela/bebekhahlela ibhola ngokuzimisela. |
| Ngenkathi sibuya liqala/liqale ukuna. |



# Ichwane elibi ledada




**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.

**Masifunde**




Ngelinye ilanga kwakukhona uMama uDada owayehlala epulazini nomndeni wakhe. UMama uDada wayefukamele amaqanda akhe ayisi-7. Wayeselindele ukuthi achamusele.


Emva kwalokho avuleka amaqanda ngalinye ngalinye. Avuleka wonke kwasala elilodwa. Lalilikhulu leli qanda.



Usuku:




UMama uDada wafukamela wafukamela iqanda elikhulu. Ekugcineni lavuleka iqanda. Kwaphuma ichwane lokugcina ledada. Likhulu linamandla. Yichwane elikhulu ledada elibi.




UMama uDada wawathatha wonke amachwane akhe waya nawo echibini.

Agxuma wonke amachwane angena emanzini. Abhukuda azidlalela. Ichwane elibi ledada lona libhukuda kahle kunawo wonke amachwane.



TEACHER: Sign Date

# Ichwane elibi ledada (iyaqhutshwa)





Asuka lapho aya epulazini. Azangaliphatha kahle ezinye izilwane ichwane elibi ledada. Izikhukhukazi zalichofa, izinja zalikhonkotha.

Ngobunye ubusuku labaleka ichwane elibi ledada.







Lagijima laze lafika emfuleni. Labona izinyoni eziningi ezinhle zibhukuda emfuleni. Izimpaphe zazo zazishelela kahle. Zazinemiqala emide. Izimpiko zazo zizinhle.

Usuku:





Kwafika ubusika. Kwaba neqhwa yonke indawo. Umfula waphenduka iqhwa. Lagodola laphatheka kabi ichwane elibi ledada.

Kwase kufika iNtwasahlobo. Kwaphuma ilanga futhi, izihlahla zaba luhlaza zaba zintsha.

Ekuseni ngelinye ilanga ichwane elibi ledada labona amahansi amahle ebhukuda futhi.






Laphatheka kabi idada elincane. Lavele laphihlika lakhala.

# Ichwane elibi ledada (iyaqhutshwa)






Labuka izinyembezi zalo ngesikhathi likhala. Lazibona lona ezinyembezini. Liyihansi elihle.

Kwakukhona namanye amahansi ebhukuda eduze kwalo. Nawo alibiza ichwane elibi ledada ukuthi lizobhukuda nawo. Ichwane elibi ledada lagxumela emanzini. Lazizwa lijabule kakhulu impela.



Okuqukethwe

# Indikimba 6: Okuzungeze umuzi

Ithemu 3: Amasonto 5 – 10


## 81 Ibhele liyagunda 36
Ufunda itekisi elixoxa ngethedi kaPhumi.
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.
Uhlela amagama ngamabhokisi afanele emisindo (hl, mf, mv, ndl).
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Kopisha lezi zinhlamvu A, a.

## 82 Ithoyisi lami elikhethekile 38
Wenza inhlolovo bese ebhala ethebhuleni akutholile.
Unikeza izithombe izinombolo ukukhombisa ukulandelana kwezinto.
Ubhala imisho ngesithombe ngasinye.
Uthola isabizwana esinye ebhekise emagameni adwetshelwe.

## 83 UBongi wenza ukudla kwasemini 40
Uxoxa ngesithombe.
Ufunda iresiphi.
Uphendula imibuzo eminingi ekhethisayo mayelana neresiphi.
Ufunda amagama alalele imisindo kw, nhl, dw, lw.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Ubhala umusho ngokudla abakuthandayo.
Kopisha lezi zinhlamvu B, b.

## 84 Ukudla engikuthandayo 42
Udweba isithombe salokho abathanda ukukudla.
Uqondanisa imisho (inhloko, umenziwa).
Ugcwalisa amagama angekho esebenzisa izithombe.
Uthola akokelezele amagama kuphazili yamagama.

## 85 Ukuphepha ekhaya 44
Ufunda ibhukwana mayelana nokuphepha ekhaya.
Uphendula imibuzo ethile ebhekiswe etekisini.
Imisindo: gc, gx, gq, ts.
Ubhala umusho ngabakwenza ukuze baphephe ekhaya.

## 86 Imithetho yasekhaya 46
Udweba isithombe ukukhombisa ukuthi kumele kwenziweni ukuze kube khona ukuphepha ekhaya.
Ubhala umusho ngesithombe.
Usebenzisa izimpawu ezifanele zokubhala.
Uqondanisa amagama amqondo ofanayo.
Uqedela imibuzo mayelana nokuphendulwa kwemibuzo ethinta izabizwana.

## 87 Kulahleke umakhalekhukhwini 48
Ufunda itekisi elixoxa ngokulahleka kukamakhalekhukhwini.
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.
Uhlela amagama ndl, nhl.
Ubhala indaba ngokulahleka kwento ethile.

## 88 Phezulu, phansi, phakathi nasemaceleni 50
Usebenzisa amagama athile amsiza ukuthola izinto ezithile.
Unikeza amagama azosetshenziswa ezithombeni.
Uqedela amagama esebenzisa izakhi ezithile.
Ufunda imiyalelo bese eqedela imidwebo.
Uhlela amagama ngamabhokisi afanele emisindo (ph, ng, la, mp)

## 89 Ikati lidinga ukunakekelwa 52
Ufunda isikhangiso.
Uphendula imibuzo eminingi ekhethisayo mayelana netekisi.
Uhlela amagama ngokwemisindo ndl, nhl.
Ubhala ngesilwane esingumngane wabantu.
Kopisha lezi zinhlamvu E, e.

## 90 Ikhaya lekati elilahlekile 54
Ugcwalisa onkamisa ukuqedela amagama bese eqondanisa nezithombe.
Uthola imibuzo, izibabazo kanye nemibiko.
Uphinda abhale imisho esebenzisa izimpawu ezifanele.
Wakha isikhangiso ngesilwane esilahlekile.

## 91 Isimemo somcimbi 56
Ufunda isimemo.
Uphendula imibuzo ebhekiswe esimemweni.
Imisindo: gx, gq, lw.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Ubhala umusho ngezinsuku zabo zokuzalwa.
Kopisha lezi zinhlamvu F, f.

## 92 Woza emcimbini wami 58
Uqedela isimemo sedili labo.
Ubhala futhi inkathi edlule emishweni.
Uthola amabizo nezenzo emishweni.
Uqedela ithebhula esebenzisa ulwazi aluthole esithombeni.

## 93 Amachwane amancane amahlanu 60
Ufunda inkondlo ngamachwane amancane amahlanu.
Imisindo: chw, nsw, ny.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Kopisha lezi zinhlamvu G, g.

## 94 Lawo machwane amancane amahlanu 62
Uyahaya bese elingisa inkondlo.
Uthola amagama afanele enkathi edlule.
Wakha amagama ambaxa.
Uhlela amagama ngokwemisindo ml, mf, cw, mv, nsw, nkw, khw, ny.

## 95 Imvubu nofudu 64
Indaba yezinto ezisikwayo.

## 96 Imvubu nofudu (iyaqhutshwa) 65
Ufunda itekisi elixoxayo.
Uxoxa nomngani ngetekisi.

# Ibhele liyagunda





Masifunde

UPhumi unethedi ebalulekile namuhla. Uyathanda ukulala nethedi yakhe.

Umfowabo omncane uJohane naye uyathana ukudlala nethedi.




Namuhla uma uPhumi efika evela esikoleni uthole ithedi yakhe igundwe ikhanda nesisu. Umfowabo omncane nguye ogunde ithedi.




UPhumi uthukuthele. Udinwe yisenzo sikamfowabo.




Umama wakhe ubeke isigqoko esibomvu nejakhethi esasibhakabhaka phezu kwethedi.

Usuku: ____________



**Masibhale** Funda indaba uphendule imibuzo.

**Amagama okubhekisiswa**
- yakhe
- naye
- nesisu

| Kube yini ithoyisi elibalulekile likaPhumi namuhla? |
|---|
| Kube yi- |
| Ngubani osike izinwele zethedi? |
| |
| Uphatheke kanjani uPhumi uma ebona ithedi? |
| Uzizwe e- |
| Ubekeni unina kaPhumi phezu kwethedi? |
| Uyigqokise |




**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

indlu mvuse


mvikele indlondlo mfake hlala mfisele hloma

| hluma | mfune | mvulele | indlela |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |

Bhala imisho emibili ngethoyisi lakho olithandayo. **Masibhale**



Kopisha lezi zinhlamvu. **Masibhale**



a a

A A

TEACHER: Sign ____________ Date ____________

# Ithoyisi lami elikhethekile



Masenze lokhu

Thola ukuthi abangani bakho banamaphi amathoyisi akhethekile. Bhala amagama abo emgqeni ophezulu bese ubhala amathoyisi abo akhethekile emgqeni ongezansi.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Igama | uPhumi | | | |
| Ithoyisi | Ithedi | | | |

Masibhale

Nikeza lezi zithombe izinombolo ezilandelana ngokufanele.









Manje bhala umusho o-1 ngesithombe ngasinye.

| | |
|---|---|
| 1 | |
| 2 | |
| 3 | |
| 4 | |


Usuku: ______________________



**Masibhale**

Funda umusho ngamunye, bese ukokelezela isabizwana ongasisebenzisa esikhundleni segama elidwetshelwe.


| | | | |
|---|---|---|---|
| UPhumi uyathanda ukudlala nethedi yakhe. | Yona | Yena | Wena |
| Umama kaPhumi wayilungisa indaba yethedi. | Yona | Yena | Wena |
| Umfowabo kaPhumi wasika ithedi. | Yona | Yena | Wena |
| Ithedi yabukeka kahle futhi. | Wena | Yona | Wena |
| UPhumi nonina bangamantombazana. | Bona | Yena | Wena |



**Masizijabulise**

Thungatha ohlwini ukubona ukuthi yimaphi amathoyisi abanawo.





# UBongi wenza ukudla kwasemini






**Masikhulume**

Make ubheke isithombe ukhulume ngokubonayo.





**Masifunde**

UBongi uzokwenza ukudla azokudla nabangani bakhe uma kuphuma isikole namuhla.

## ISAMISHI ELINGAJWAYELEKILE





### Okudingayo

1 isipunu sobisi lwekhondensi

1 ubhanana

Ibhotela lamantongomane

2 izingcezu zesinkwa

### Okumele ukwenze

Faka ibhotela lamantongomane ocezwini olulodwa lwesinkwa.

Sika ubhanana uwubeke phezu kwebhotela lamantongomane.

Gcoba ikhondensi kolunye ucezu lwesinkwa.

Hlanganisa izingcezu ndawonye zakhe isamishi.

Sika isamishi libe yizingcezu ezine.



**Yidla ngenjabulo isamishi lakho.**

Usuku: ____________________

**Masibhale** Beka uphawu (✓) eduze kwempendulo efanele.

| Zingaki izingcezu zesinkwa ezidingekayo? | |
|---|---|
| A | Lunye |
| B | Zimbili |
| C | Zintathu |

| Udingani enye? | |
|---|---|
| A | Ibhotela lamantongomane |
| B | Ushizi |
| C | Ikhondensi |

| Ziba ngaki izingcezu zesamishi uma sewulisikile? | |
|---|---|
| A | Ziba mbili |
| B | Ziba ntathu |
| C | Ziba zine |

| Udinga siphi isithelo? | |
|---|---|
| A | I-aphula |
| B | Uphayinaphu |
| C | Ubhanana |

**Sisebenza ngamagama**

Funda amagama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| kwasa | inhloko | dweba | lwami |
| kweza | inhliziyo | idwala | lwakhe |
| kwama | izinhlungu | isidwedwe | lwethu |

**Amagama okubhekisiswa**

phezu
ucezu
ezine

**Masibhale**

Bhala imisho emibili mayelana nothanda ukukudla.

**Masibhale**

Kopisha lezi zinhlamvu.



b b

B B

# Ukudla engikuthandayo



**Masenze lokhu**

Dweba isithombe sento okwazi ukuyenza bese uyidla.
Tshela abangani bakho ukuthi yakhiwa kanjani.

| |
|---|
| Okokuqala ngi-... |
| Ngilandelise ngoku-... |
| Bese ngi-... |

**Masibhale**

Yakha imisho emine. Dweba umugqa ukuqondanisa ingxenye esebhokisini elisasibhakabhaka naleyo engakwesokudla ebhokisini elisatshani.

| | |
|---|---|
| UPhumi ubethukuthele | ngoba bekuwusuku lwami lokuzalwa. |
| Ngidle isamishi | ngoba umfowabo ubesike ithedi. |
| Ngithathe isambulela | ngoba bengilambile. |
| Ngiphephethe amakhandlela | ngoba belina. |

**Masibhale**

Gcwalisa amagama adingekayo kule misho.

inhlanzi | ubisi | amaswidi | isinkwa | ama-aphula | itiye

Ngithanda ukuphuza  ____________________.

Uthanda  ____________________.

# 85 Ukuphepha ekhaya

Masifunde Phepha ekhaya.




Masibhale Funda leli pheshana bese uphendula imibuzo.



Bhala phansi into eyodwa umama webhele asitshela ukuthi siyenze ukuze siphephe ekhaya.

Bhala phansi into eyodwa ikhangaru esitshela ukuthi siyenze ukuze siphephe ekhaya.




Usuku:



Bhala phansi into eyodwa unogwaja asitshela yona ukuze siphephe ekhaya.

Bhala phansi into eyodwa indlovu esitshela yona ukuze siphephe ekhaya.






Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo. Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| gcizelela | gxuma | uMgqibelo | itsunami |
| isigcaki | gxoba | isigqebhezi | umtsalo |
| igceke | isigxobo | isigqiki | ubhotsotso |

**Amagama okubhekisiswa**

ukuze
ekhaya
yona



Masibhale

Bhala usho ukuthi yini oyenzayo ukuqiniseka ukuthi uphephile ekhaya. Bhala imisho emihlanu usho ukuthi wenzani ukuze uphephe ekhaya.





Kopisha lezi zinhlamvu. Masibhale




c

b

# Imithetho yasekhaya





**Masenze lokhu**

Dweba isithombe ukukhombisa okumele ukwenze ukuze uphephe ekhaya. Manje bhala umusho ngesithombe sakho.





**Masibhale**

Bhala le misho usebenzise izimpawu zokubhala. Sebenzisa osonhlamvukazi ekuqaleni kwemisho nawongqi noma izimpawu zokubuza ekugcineni kwemisho. Khumbula ukusebenzisa osonhlamvukazi uma ubhala amagama abantu, ezinyanga zonyaka, ezindawo kanye nawezinsuku zesonto.


| |
|---|
| ngomgqibelo uthabo nomimi bebedlala kubo kathabo |
| |
| uyawuthanda u-ayisikhilimu |
| |
| ubongi nonomsa baya ethekwini ngontulikazi |
| |
| igama lami ngingu- |
| |

Usuku: ____________




**Masibhale** Dweba umugqa usuke egameni kukholamu esatshani uye emagameni akukholamu esasibhakabhaka amqondo ofanayo.





| | |
|---|---|
| amukelekile | kuzacile |
| kuncane | afanele |
| kuningi | shabalala |
| nyamalala | kuyabukeka |
| khuluma | kuyinqwaba |
| kudukile | kulahlekile |
| kuhle | yisho |



**Masizijabulise** Qedela le misho ngawe kanye nalokho okuthandayo. Zonke izimpendulo ziyimisho, ngakho kumele ziqale ngosonhlamvukazi.

Igama lami ngingu-

Ngazalwa

Abangani bami ababalulekile ngawo-...

Usuku engiluthandayo esontweni

Usuku lwami lokuzalwa

Uhlelo lwethelevishini engiluthandayo

Incwadi engiyithandayo

Igama likathisha wami ngu-...

TEACHER: Sign ____________ Date ____________

# 87 Kulahleke umakhalekhukhwini

Masifunde

Uyise kaBongi ulahlekelwe wumakhalekhukhwini.

Ukhulumele phezulu wathi, "Ukhona obone ucingo lwami?"

Sifune ngaphansi kombhede.

Phezulu kweshalofu.

Emva kwedeski.

Phakathi emaphaketheni kababa.

Ngaphandle kwendlu.

Ngaphakathi endlini.

Eduze kwetafula.

Phezu kwethelevishini.

Sezwa – nkrrrrrr, nkrrrrrr.

Samthola umakhalekhukhwini phakathi esiqandisini!




Masibhale

Funda indaba bese uphendula imibuzo.

| |
|---|
| Ubelahlekelwe yini ubaba? |
| Ubelahlekelwe |
| Bhala phansi izindawo ezimbili lapho befune khona. |
| Bafune |

Usuku: ____________

| Bamtholephi umakhalekhukhwini? |
|---|
| Bamthole |
| Uke walahlekelwa okuthile? Bekuyini? |
| |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

indlu | indlela | indlovu | izindlubu


izinhlelo | enhle | izinhlobo | inhloso

| inhlanhla | inhlalo | indluzula | izindleko |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |

**Amagama okubhekisiswa**

obone
ucingo
sifune





Masibhale

Bhala indaba ekhuluma ngesikhathi owalahlekelwa ngaso okuthile.
Yini eyakulahlekela? Wagcina uyithole kuphi?






Kopisha lezi zinhlamvu. Masibhale

d d

D D

# Phezulu, phansi, phakathi nasemaceleni





**Masenze lokhu**

Fihla okuthile phakathi eklasini. Umngani wakho kumele akuthungathe. Kumele athi, "Ngingemuva …" noma "Ngingaphansi …" noma "Ngiseduze …"








**Masibhale**

Yisho igama elimele isithombe ngasinye.
Qedela igama ngalinye ngokusebenzisa u-mv noma u-mf.

mv | mf


| | | |
|---|---|---|
|  imfengwane |  i ___ ___ uyo |  i ___ ___ u |
|  uve ___ ___ ane |  i ___ ___ ulophi |  i ___ ___ ula |
|  i ___ ___ iliji |  i ___ ___ ene |  i ___ ___ ukuzane |

Usuku: ______________



**Masizijabulise** Funda imiyalelo bese uqedela isithombe.

| | |
|---|---|
| Dweba ilanga nendiza esibhakabhakeni. | Dweba umnenke phambi kwezimbali. |
| Dweba inyoni esesihlahleni. | Dweba ufudu eduze kwezimbali. |
| Dweba izimbali ezingaphansi kwesihlahla. | Dweba uvemvane ngenhla kofudu. |



**Masibhale** Hlela la magama ahambisane namabhokisi ezipho.




| | | | |
|---|---|---|---|
| phuphu | dlala | phepha | impongo |
| ngithi | phaka | ngoba | ukulala |
| ngicela | impempe | impela | ngathi |













| ph | ng | bh | mp |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |
| | | | |

# Ikati lidinga ukunakekelwa



Masifunde

## Uyawathanda amakati?



Sinekati elimvukumvuku, eliqinile, elihle, elincane elidinga ikhaya.

Linomsila omude kanye nemithende.

Lithanda ubisi kanye nenhlanzi.

Igama laleli kati nguThebe.



Uma ufisa ukusiza ngokulinakekela ulithande, shayela uGugu kwaSPCA, 012 012 0120.



Masibhale Funda isikhangiso bese ubeka uphawu (✓) empendulweni efanele.

| Yisiphi isilwane esidinga ikhaya? | |
|---|---|
| A | Inja |
| B | Ikati |
| C | Ihhashi |

| Ungashayela bani uma ulifuna leli kati? | |
|---|---|
| A | uGugu |
| B | Isitolo sezilwane ezithengisayo |
| C | Umlimi |

Usuku:

| Lingubani igama ikati? | |
|---|---|
| A | uThebe |
| B | uKhithi |
| C | uBheni |

| Lithanda ukudlani? | |
|---|---|
| A | Ubisi |
| B | Ushizi |
| C | Inhlanzi |

| Lithanda ukuphuzani? | |
|---|---|
| A | Ubisi |
| B | Ijusi |
| C | Itiye |

| Liziphatha kanjani ikati? | |
|---|---|
| A | Liyalala njalo. |
| B | Liqinile. |
| C | Liyalwa. |




**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

indlala izinhlobo indlulamithi ezinhle
indlela inhlambi endleleni inhloso

**Amagama okubhekisiswa**
kanye
ubisi
ufisa


| amandla | amanhlonhlo | izandla | inhloko |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |




**Masibhale** Bhala ngesilwane sakho.



Kopisha lezi zinhlamvu. **Masibhale**



# Ikhaya lekati elilahlekile



Masenze lokhu

Gcwalisa ngonkamisa, a, e, i, o noma u, egameni ngalinye kulawa ukuze igama liqondane nesithombe.

a e i o u

| | | |
|---|---|---|
| ikhekhe |  | ihh__la |
| ibhay__sikili | | ph__ph__zelisa |
| ip___timende | | is___valelwane |
| gibel__ | | ikhiy___bhu |




Masibhale

Yisho ukuthi lena yimibuzo, yizibabazo noma yimibiko.
Manje gcwalisa ?, ! noma ungqi.

!?.

| Ungubani igama lakho? | Umbuzo |
|---|---|
| Yekela lokho | |
| Namuhla zingama-25 kuNtulikazi | |
| Sheshisa | |
| Uhlala kuphi | |
| Lunini usuku lwakho lokuzalwa | |
| Ngiyalithanda ihlobo | |
| Kungabe uyawathanda amakati | |

Usuku:



Masibhale Phinda ubhale le misho ufake izimpawu zokubhala ezifanele.



kungabe uyawathanda amakati

igama lekati lami nguthebe

ujabu nomimi bathanda ukudlala ibhola lezinyawo

usuku lwami lokuzalwa lungoMandulo



Masizijabulise Yenza isikhangiso ngesilwane esilahlekile. Gcwalisa amagama adingekayo ezikhaleni ukuqedela isikhangiso. Dweba-ke manje isithombe ukukhombisa ukuthi isilwane leso sibukeka kanjani.





## SIZA SILAHLEKELWE

Gcwalisa ngohlobo lwesilwane.



Anizange nisibone isilwane sami?

Igama lesilwane sami ngu-

**Uma usithola lesi silwane ngicela ushayele**

(Gcwalisa igama lakho.)

**kule nombolo**

(Gcwalisa inombolo yakho yocingo.)

**Isilwane sami sibukeka kanje**
(Dweba isithombe sesilwane.)

# 91 Isimemo somcimbi

Masifunde


Woza emcimbini wami!
Ngihlanganisa iminyaka eyisi-8.


Umcimbi wami uzoba mhla ziyi-10 kuMandulo 2015.
Uqala ngehora lesi-3 nqo.
uphele ngehora lesi-6 nqo.
Ikheli lami lithi
27 Tambo Street
Singville
Cape Town
Ngicela usho uma uzophumelela.
Ucingo lwami luthi 021 021 0210.
Isimemo sivela kuThabo.

Masibhale Funda isimemo bese uphendula imibuzo.

| | |
|---|---|
| Ngubani onomcimbi? | |
| Uzoba neminyaka emingaki yobudala ngalolo suku? | |
| Uzoqala ngasikhathi sini umcimbi? | |
| Umcimbi uzophela ngasikhathi sini? | |
| Lunini usuku lomcimbi? | |
| Ithini inombolo nomgwaqo wakubo kaThabo? | |
| | |

# Woza emcimbini wami





Masenze lokhu

Hlobisa ikhadi lesimemo. Gcwalisa leli khadi lesimemo somcimbi wakho.





## Woza emcimbini wami!

Ngihlanganisa iminyaka _____.

Umcimbi wami uzoba _____________.

Uqala ngehora _____

uphele ngehora _____.



Ikheli lami lithi:

Inombolo yomuzi _____

Umgwaqo _____________________

Indawo _____________________



Ngicela usho uma uzophumelela.

Inombolo yami _______________

Isimemo sivela _______________



Masibhale Phinda ubhale umusho ngamunye uwuqale ngokuthi "Izolo".



| |
|---|
| Namuhla wusuku lwami lokuzalwa. |
| Izolo |
| Namuhla liyana. |
| Izolo |
| Namuhla libalele. |
| Izolo |

Usuku:



Masibhale

Emushweni ngamunye dwebela igama lomuntu, bese ukokelezela isenzo esisitshela kabanzi ngokuthi lowo muntu wenzani.









| | |
|---|---|
| UJabu ugijima uya esikoleni. | UPhumi uphethe ithedi yakhe. |
| UPhuza ukhahlela ibhola. | UBongi uthenga ikati. |
| UMimi ufunda incwadi. | UBabo udlala ibhola lezinyawo. |
| UCebo ukhuluma nocingo. | UMimi udla amazambane. |






Masizijabulise

Badala kangakanani? Thola imigqa ekhombisa amakhekhe abo osuku lokuzalwa ubale amakhandlela. Manje gcwalisa amagama abo neminyaka yabo ethebhuleni.






| Igama | Ubudala |
|---|---|
| | |
| | |
| | |

| Igama | Ubudala |
|---|---|
| | |
| | |
| | |

TEACHER: Sign Date

# Amachwane amancane amahlanu



Masifunde

## Isikhukhukazi esingumama namachwane aso

Kwasho ichwane lokuqala elincane, liphoxeka kancane.




Kwasho ichwane elilandelayo, linyakazisa amahlombe kancane.




Kwasho ichwane lesithathu, linswininiza kancane.




Kwasho ichwane lesine, ngezwi elincane elinosizana.



Usuku:

Kwasho ichwane lesihlanu, ngezwi elincane elikhalayo kancane.

"Bheka lapha," kusho umama, esho esesivandeni esiluhlaza.







**Amagama okubhekisiswa**

ichwane
kancane
lapha

**Sisebenza ngamagama**

Funda amagama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | |
|---|---|---|
| ichwane | nswininiza | nyamalala |
| chwaza | nswinya | nyathela |
| ichweba | inswane | inyama |

Kopisha umusho. **Masibhale**

Amachwane ayaqhwanda.


Kopisha lezi zinhlamvu. **Masibhale**

*g* *y*

# 94 Lawo machwane amancane amahlanu

**Masenze lokhu**

Funda inkondlo ngamachwane amancane amahlanu bese uzama ukuyifunda kanyekanye nabangani bakho. Nikezanani ithuba ngamunye nibe ngelinye lamachwane. Oyedwa wenu kumele abe ngunina wamachwane.




**Masibhale** Kokelezela igama elifanele.


| |
|---|
| Izolo ngiye/ngiya ngayodlala noBongi kubo. |
| Kusasa ngiye/ngizoya esikoleni. |
| Ngesonto elidlule ngabona/ngibona amachwane. |
| Manje ngiyadlala/ngidlale nekati lami elisha. |




**Masibhale** Qedela lezi zibalo zamagama.

| | |
|---|---|
| dlula + imithi =  | guqa + thandaza =  |
| thwala + imbiza =  | thusa + amagwababa =  |
| gola + izintethe =  | khala + ikhukhu =  |

# 95 Imvubu nofudu





**Masifunde** Yenza leli bhuku lezinto ezisikwayo ukuze ukwazi ukufunda indaba yemvubu nofudu. Goqa emigqeni bese usika emigqeni yamachashazi.





**Masikhulume** Yifunde-ke manje indaba yemvubu nofudu. Yindaba eyiqiniso. Xoxa nabangani bakho niveze ukuthi bahle kanjani laba bangani abayizilwane.

**Masibhale** Phinda ufunde indaba yemvubu nofudu bese ubhala imisho emi-5 uxoxe yona le ndaba.





Esesiqiwini wahlangana nofudu olukhulu.






Bonke bazama ukusiza imvubu ukuthi ibuyele emhlabathini owomile. Basebenzisa amanethi kanye nezimoto ukumkhipha.

Imvubu nofudu baba ngabangani abakhulu. Badla, babhukuda badlala ndawonye.





Ngelinye ilanga kwafika isiphepho semvula. Imvula yagugula umntwana wemvubu walahleka.













Amgugula amanzi umntwana waya ezansi nomfula waze wafika olwandle.






Akazange amthole unina umntwana wemvubu.

Ufudu oludala lwabona ukuthi u-Owen usengumntwana. Kwadingeka ukuthi lumnakekele, lumtholele into azoyidla nendawo yokulala.



Okuqukethwe

# Indikimba 7: Izolo, namuhla nakusasa

Ithemu 4: Amasonto 1 - 4


**97 Izindaba ezivela kumngani 70**

Ufunda incwadi.
Uphendula imibuzo ekhethisayo emayelana nencwadi.
Ubala izinsuku ezithile namalanga encwadini bese ekuqopha ekhalendeni.

**98 Izinjongo zethu 72**

Imisindo: ncw, ndw
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Ulandelanisa imisho ngokwendaba.
Ubhala ngezindaba zabo.
Uhaya inkondlo.

**99 Ikhonsathi esikoleni sethu 74**

Ufunda uhlelo lwekhonsathi yesikole.
Uphendula imibuzo ngohlelo lwekhonsathi.
Imisindo: ngw, nkw.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Ubhala umusho ngokuthi bazokwenzani ngamaholidi.
Kopisha lezi zinhlamvu H, h, I, i, J, j.

**100 Kwenzekeni emva kwekhonsathi 76**

Ngokwamaqembu khethani into ethile ohlelweni lwekhonsathi niyethule eklasini.
Uqagela ukuthi indaba izophela kanjani.
Uqedela ibhamuza lokugcina lenkulumo endabeni.
Uqondanisa imisho neziphetho ezifanele zayo.
Iphazili lamagama.

**101 Isikhathi 78**

Ufunda indaba mayelana nezinto ezenziwa nguBusi.
Uthola isikhathi esifanele indaba eyenzeka ngaso.
Ugcwalisa ithebhula lezinto ezenziwa nguBusi nsuku zonke.
Imisindo: njw, nqw.
Kopisha lezi zinhlamvu K, k, L, l, M, m.

**102 Izinsuku engimatasatasa ngazo 80**

Ubhala ethebhuleni izinto ezizokwenziwa nsuku zonke ngokwezikhathi zazo.
Usebenzisa inkathi edlule emishweni.
Udweba izithombe ukuqedela izithombe.

**103 UDeda unesonto elingemnandi 82**

Ufunda itekisi elixoxa ngoDeda.
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.
Uhlela amagama ngokwemisindo ngw, nkw.
Ubhala imisho esebenzisa amanye amagama.
Kopisha lezi zinhlamvu N, n, O, o, P, p.

**104 Phezulu, phansi, phakathi nasemaceleni 84**

Ulingisa okwenzeke kuDeda.
Udweba izithombe ukukhombisa izinto azenza nsuku zonke zesonto.
Ubhala umusho ngezithombe.
Ugcwalisa amagama awaqondanise nezithombe.

**105 Ukuzulazula 86**

Ufunda itekisi elixoxa ngamaholidi ezayo.
Ugcwalisa uhlelo lwamaholidi ekhalendeni.
Uphendula imibuzo ebhekiswe ohlelweni lwamaholidi.
Uhlela amagama ngokwemisindo njw, nqw.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Kopisha lezi zinhlamvu Q, q, R, r, S, s.

**106 Sisazulazula 88**

Uthola izifundazwe ebalazweni.
Usebenzisa izimpawu ezifanele zokubhala.
Usebenzisa izimpawu emishweni bese ethola izinhlobo zemisho.
Ubhala izihloko ezifanele zezincwadi.
Uqagela ukuthi izincwadi zimayelana nani.

**107 Umndeni wami nezilwane zami 90**

Ufunda itekisi elixoxa ngomndeni nezilwane ezingabangane.
Uqedela ithebhula ngamalungu omndeni ngaphansi kwezihlokwana ezinikeziwe.
Imisindo: ndw, ngw.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Kopisha lezi zinhlamvu T, t, U, u, V, v, W, w, X, x, Y, y.

**108 Yini ekhethekile? 92**

Umsebenzi wokudlala ohlanganisa amachashazi.
Uphinda abhale imisho esebenzisa izimpawu ezifanele zokubhala.
Uthola izenzo namabizo.
Uqedela isitifiketi semikomelo yelungu lomndeni.

**109 Ukubhala indaba 94**

Uxoxa nomngani ngesakhiwo sendaba.
Ugcwalisa uhlelo lwendaba esebenzisa izihlokwana azinikeziwe.
Ulandela imiyalelo yencwadi enezindaba ezisikwayo.

**110 97**

Uphendula imibuzo ngeziphicaphicwano.

**111 UJojo nesiqu sikabhontshisi 98**

Ufunda indaba ngoJojo nesiqu sikabhontshisi.

**112 UJojo nesiqu sikabhontshisi (iyaqhutshwa) 110**

**112b UJojo nesiqu sikabhontshisi (iyaqhutshwa) 112**








Masifunde



24 Crest Road
Seaville
Empangeni
3880

20 Agasti 2015

Bongi Othandekayo

Kube mnandi ukukubona ebholeni lomnqakiswano izolo.

Simatasatasa kakhulu lapha esikoleni. NgoLwesihlanu oluzayo sizoba nekhonsathi lesikole. Kunamantombazana azokwenza umdanso wesintu. Abafana bazofunda inkondlo kaMzi nofudu. UJabu uzoba usomahlaya ekhonsathini.

Kumnandi esikoleni. Ngesikhathi sokudlala ngiba noZinhle noLizi. Izolo sidlale umacashelana. UZinhle ucashe endlini yokudlala esesihlahleni. Simfune samfuna phansi asangamthola. Ngize ngamemeza ngathi, "Zinhle, phuma manje!" Kwaba yikhona simthola.



Sicela ukuphinda sikubone futhi uma kunebhola lomnqakiswano.

Yimina
uSuzi

Usuku:



Masibhale Phinda ufunde incwadi futhi bese ubeka uphawu ✓ empendulweni efanele.

| Ubani obhale incwadi? | |
|---|---|
| A | uBongi |
| B | uSuzi |
| C | uZinhle |

| Uzokwenzani uLizi ekhonsathini lesikole? | |
|---|---|
| A | Zodansa |
| B | Uzoba usomahlaya |
| C | Uzofunda inkondlo |

| Lizoba ngayiphi inyanga ikhonsathi? | |
|---|---|
| A | ngoNcwaba |
| B | ngoMandulo |
| C | ngoMfumfu |

| Obani abangani bakaSuzi? | |
|---|---|
| A | uZinhle noRobbie |
| B | uZinhle noLizi |
| C | uLizi noSindi |



Masibhale

Funda incwadi ngokucophelela. Zama ukuthola izinsuku nokuthi ngoLwesingaki olubhalwe encwadini. Beka uphawu kuzo ekhalendeni. Manje phendula imibuzo.



| Ncwaba | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| uMsombuluko | uLwesibili | uLwesithathu | uLwesine | uLwesihlanu | uMgqibelo | iSonto |
| | | | | 1 | 2 | 3 |
| 4 | 5 | 6 | 7 | 8 | 9 | 10 |
| 11 | 12 | 13 | 14 | 15 | 16 | 17 |
| 18 | 19 | 20 | 21 | 22 | 23 | 24 |
| 25 | 26 | 27 | 28 | 29 | 30 | 31 |

| | |
|---|---|
| USuzi ubhale incwadi ngaluphi usuku? | |
| Uyibhale incwadi kungolwesingaki? | |
| Udlale umacashelana ngaluphi usuku? | |
| Udlale umacashelana kungolwesingaki? | |

# Izinjongo zethu






**Sisebenza ngamagama**

Funda amagama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| incwadi | indwangu | ncwela | indweba |
| incwincwi | elandwa | wagencwa | indwangu |
| ncwela | indwe | uyamuncwa | sindwa |

**Amagama okubhekisiswa**

nokuthi
kuzo
beka
bese





**Masibhale** Nikeza le misho izinombolo zilandelane zisuke koku-1 ziye koku-3.

| | |
|---|---|
| | USuzi uzodansa ekhonsathini lesikole ngoMandulo. |
| | USuzi ubhalele uBongi incwadi. |
| | OSuzi noLizi bahlangene ebholeni lomnqakiswano. |





**Masibhale** Bhala izindaba eziqoqwe nguwe.

Izolo ngi-

Namhlanje ngi-

Kusasa ngizo-

Ngenyanga ezayo ngizo-

Usuku:



Masizijabulise

Eqenjini lakho, zijwayezeni ukufunda inkondlo kaMzi, ufudu, nomntwana wemvubu.








**Iculo lemvubu ejabulile**

Umntwana omncane wemvubu
waphaxazisa amanzi ngekhala.
Wayehamba eduze nomfula
ephaxazisa udaka ngezinzwane.
Kwafika uMzi
eqhamuka ejikeni.
UMzi nomntwana wemvubu baba
abangani abakhulu.






# 99 Ikhonsathi esikoleni sethu



Masifunde



Uhlelo lwekhonsathi esikoleni samaBanga aPhansi iLesedi

Usuku: 26 Ncwaba 2015

Isikhathi: Kusukela ngehora lesi-6:00 ntambama kuya 7:30 ntambama

Okuzokwenzeka

1 Ukuvula nguThishomkhulu, Nkk A Nkuna
2 Inkondlo ngoMzi nemvubu
3 Umdanso wesintu
4 Imiklomelo yamaBanga 1, 2 nelesi-3
5 Umculo wabeBanga lesi-3
6 UJabu unguSomahlaya

Kungenwa Mahhala

Kuzothengisa amakhekhe namaswidi ingakaqali likhonsathi.



Masifunde Funda uhlelo lwekhonsathi lesikole, bese uphendula imibuzo.

| | |
|---|---|
| Ikhonsathi lingaluphi usuku? | |
| Liqala ngasikhathi sini liphele ngasikhathi sini? | Liqala ngehora ______ <br> Liphele ngehora ______ |
| Ubani uthishomkhulu wesikole? | |
| Ubani ozoba ngusomahlaya? | |
| Iliphi iklasi elizocula? | |
| Imaphi amaklasi azothola imiklomelo? | |
| Yini ezothengiswa ekhonsathini? | |
| Kuzongenwa ngamalini ekhonsathini? | |

# Kwenzekeni emva kwekhonsathi





Masenze lokhu

Iqembu lakho malikhethe okukodwa ohlelweni lwekhonsathi lizame ukukwenza. Manje-ke malikwenze phambi kweklasi. Iqembu lakho malisho ukuthi kumele udlale yiphi indawo ezintweni ezisohlelweni. Ungafunda inkondlo, uzijwayeze ukudansa noma ucule iculo.




Masibhale

Make ubheke lezi zithombe. Khuluma nomngani wakho usho ukuthi ubona ukuthi indaba izophela kanjani. Manje gcwalisa inkulumo yokugcina ukukhombisa ukuthi uyazi ukuthi uthisha uthini.



Usuku:



Masibhale

Dweba umugqa uye engxenyeni esebhokisini elisasibhakabhaka ngakwesobunxele nengxenye esebhokisini elisatshani ngakwesokudla. Qondanisa isiqalo somusho ebhokisini eliluhlaza okwesibhakabhaka nesiphetho esifanele ebhokisini eliluhlaza okotshani.

| | |
|---|---|
| UPhumi udle ukudla kwakhe | ngoba uJimi ubefuna ukuthatha ukudla kwami |
| Ngidle isemishi | ngoba ubeselambile. |
| Ngibize uthisha | ngoba akaziphathanga kahle. |
| Uthisha umthethisile uJimi | ngoba bengilambile. |







Masizijabulise

Thola bese ukokelezela amagama asebhokisini avumelana nesithombe. Manje dweba umugqa usuke egameni uye esithombeni esifanele. Khumbula, amagama amanye ayavundla amanye ayehla.





| | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| i | h | h | a | s | h | i | w | m | i |
| m | n | i | m | p | e | m | p | e | h |
| p | u | m | p | o | m | p | i | s | h |
| i | m | p | o | f | u | o | u | f | a |
| s | t | e | u | n | m | n | y | g | l |
| i | m | p | i | g | o | g | o | l | a |
| k | l | p | i | h | h | o | l | o | b |
| i | m | p | a | n | g | e | l | e | n |





















TEACHER: Sign Date


# Isikhathi





**Masifunde**


Funda indaba bese uqondanisa isithombe sewashi nomusho ofanele. Sikwenzele umusho wokuqala.









NgoMsombuluko uBusi uvuka ekuseni ngehora lesi-6 nqo.

Uya esikoleni ekuseni ngehora lesi-7 nqo.


Ntambama ngehora loku-1 nqo uyabuya eze akhaya.


Udlala noPhumi ntambama ngehora lesi-3 nqo.


Wenza umsebenzi wesikole ntambama ngehora lesi-4 nqo.


Udla ukudla kwakusihlwa ngehora lesi-6 nqo.


Ulala ngehora lesi-8 nqo.








# Izinsuku engimatasatasa ngazo








**Masenze lokhu** Gcwalisa izinto ozenza usuku ngalunye ngalezi zikhathi.

| | |
|---|---|
| Ngehora lesi-6 nqo | |
| Ngehora lesi-7 nqo | |
| Ngehora loku-1 nqo | |
| Ngehora lesi-3 nqo | |
| Ngehora lesi-4 nqo | |
| Ngehora lesi-6 nqo | |
| Ngehora lesi-8 nqo | |





**Masibhale** Uma siguqula unkamisa wokugcina wesenzo abe ngu-e kusho ukuthi isenzo sesenziwe sadlula. Funda le misho ehamba ngamibili. Guqula unkamisa wokugcina abe ngu-e egameni elihlikihlwe ngombala bese ulisebenzisa ukuqedela umusho wesibili.







| |
|---|
| UBusi noPhumi bathanda ukudlala. |
| Ngesonto eledlule badlale ibhola lomnqakiswano. |
| UJabu ukwazi ukugxuma jengeselesele. |
| Izolo ______________ kanye noJohane. |
| UBusi ukwazi ukupheka. |
| Izolo ______________ inhlanzi. |
| UPhumi ukwazi ukukhahlela ibhola kakhulu. |
| ______________ kakhulu layobulala ifasitela. |

Usuku:

# Amagama amqondo ophikisanayo



## Masibhale

Dweba umugqa usuke emagameni akukholamu esatshani uye emagameni akukholamu esasibhakabhaka anencazelo ephikisayo.




| | | |
|---|---|---|
| phezulu | | ukujabula |
| yima | | ebusuku |
| totoba | | kufushane |
| kusha | | phakathi |
| emini | | kudala |
| ngaphandle | | yebo |
| ukudumala | | hamba |
| cha | | shesha |
| kude | | phansi |




## Masizijabulise

Dweba lezi zithombe ezintathu.




1 Yihora lesi-8 nqo ekuseni. Ilanga liyashisa. Izulu libalele.




2 Ikati ligibele lakhuphuka esihlahleni.




3 Yisebusuku, ikati liqala ukwehla.

# 103 UDeda unesonto elingemnandi

Masifunde



UDeda ube nesonto elingemnandi. Useliwe ngoMsombuluko. Ushiywe yibhasi wafika kamuva esikoleni. "Kungani ufika emva kwesikhathi kangaka, Deda?" kubuza uthisha.



NgoLwesibili uye esikoleni kodwa washiya isikhwama sesikole ebhasini. Uma engena eklasini ubephethe ibhola kuphela. "Siphi isikhwama sakho sesikole, Deda?" kubuza uthisha.




NgoLwesithathu Uvuke ekuseni, wangena ebhasini. Yahamba yahamba ibhasi. Ukuthi nje uDeda ubesebhasini okungeyona. Imthathe yamusa kwesinye nje isikole. "Uphi uDeda namhlanje?" kubuza uthisha.



NgoLwesine uDeda ubengawutholi umfaniswano wakhe. Waya esikoleni egqoke izingubo zokubhukuda. "Uphi umfaniswano wakho, Deda?" kubuza uthisha.



NgoLwesihlanu uDeda uvuke ekuseni kakhulu. Uye esikoleni kusemnyama ngaphandle. Ubekhathele kakhulu wasuke wazumeka eklasini. "Ulaleleni, Deda?" kubuza uthisha.



NgoMgqibelo uDeda uye esikoleni kodwa wathola isango likhiyiwe. Awuzwa, Deda. Akufundwa ngoMgqibelo.

Usuku:

**Masibhale** Funda indaba bese uphendula imibuzo.

| Kungani uDeda eseliwe ngoMsombuluko? |
|---|
| Kungoba |
| UDeda waya nebhola esikoleni lakhe ngaluphi usuku? |
| |
| UDeda waya esikoleni egqoke izingubo zokubhukuda ngaluphi usuku? |
| |
| Kwenzekeni uma uDeda eya esikoleni ngoMgqibelo? |
| |

**Amagama okubhekisiswa**

uye
kodwa
siphi
emva

**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ingwazi | inkwali | iyasengwa | eNkwezela |
| ingwenya | isinkwa | esangweni | izinkwa |
| ingwe | isinkwe | abongwe | inkwethu |

Kopisha lezi zinhlamvu. **Masibhale**

n N
o O
p P

TEACHER: Sign ______ Date ______

# Phezulu, phansi, phakathi nasemaceleni





Masenze lokhu

Dlalani umdlalo okhombisa ukuthi kwenzekeni kuDeda ngosuku ngalunye. Umuntu ngamunye ake abe nguDeda. Dedelanani. Ningade nidedelana futhi umuntu ngamunye ake abe nguthisha.








Masibhale

Dweba isithombe esikhombisa ukuthi wenzani ezinsukwini zesonto. Gcwalisa izinsuku.





Masibhale

Bhala phansi lokho okwenza ngalezi zinsuku.

| | |
|---|---|
| NgoMsombuluko | |
| NgoLwesibili | |
| NgoLwesithathu | |
| NgoLwesine | |
| NgoLwesihlanu | |
| NgoMgqibelo | |
| NgeSonto | |




# 105 Ukuzulazula



Masifunde

Sekuzoba yisikhathi samaholidi. Bonke abantwana bakhuluma ngezinto abazozenza ngamaholidi esikole. Izingane ezinhlanu zizoya emakhaya azo. Othisha bazo bazicele ukuthi zigcwalise emalungiselelweni azo lokho ezizokwenza ngamaholidi.












**Ukulungiselela amaholidi**

| Igama | Usuku | Izindawo | Bazoyaphi? |
|---|---|---|---|
| uMimi | ngoLwesine | eGoli | Bazoya emcimbini kamzala. |
| uDeda | ngoMsombuluko | ePolokwane | Bazovakashela ugogo. |
| uBongi | ngoLwesithathu | eThekwini | Bazoya ebhishi. |
| uJabu | ngoLwesihlanu | eMbombela | Bazoya eKruger Park. |
| uBusi | ngoMgqibelo | eMthatha | Bazoya emshadweni. |
| | | | |

Gcwalisa ozokwenza.

# Sisazulazula





Masenze lokhu

Dweba umuqga okhombisa ukuthi ingane ngayinye iyaphi.




uDeda
ePolokwane



uBongi
eGoli



uJabu
eMbombela




uMimi
eThekwini

uBusi
eMthatha



Masibhale

Phinda ubhale le misho usebenzise ofeleba kanye nawongqi.

| |
|---|
| izingulube zinemisila egoqene |
| |
| indlulamithi inomqala omude |
| |
| idube linemithende |
| |
| indlovu inomboko omude |
| |


Usuku:

Umusho obikayo siwuphetha ngongqi. (.)
Umusho obuzayo siwuphetha ngophawu lokubuza. (?)
Umusho obabazayo siwuphetha ngophawu lokubabaza. (!)



Masibhale

Qedela le misho usebenzisa izimpawu ezifanele ekugcineni.





| Ngithanda amaswidi . | ukubika |
|---|---|
| Ungubani igama lakho | |
| Ungaweqi umgwaqo, kunemoto | |
| Uhlalaphi | |
| Nginethedi ephinki | |
| Ufundani | |
| Angibuthandi ubusika | |
| Qaphela, kunenyoka | |




Masizijabulise

Bhala isihloko sencwadi ngayinye kulezi. Isihloko sencwadi sisitshela ukuthi incwadi imayelana nani. Tshela umngani wakho ukuthi ucabanga ukuthi incwadi imayelana nani. Nikeza izincwadi izinombolo ukukhombisa ukuthi ufuna ukuqala ngayiphi ulandelise ngayiphi. Qala ngenombolo 1 encwadini othanda kakhulu ukuyifunda, ugcine ngonombolo 4 wencwadi ongayithandi kahle.











# Umndeni wami nezilwane zami






Nginomndeni omkhulu. Namhlanje omzala basivakashele. Ugogo wami uyena osiqaphelayo uma umama eye emsebenzini.

Ngiyathanda uma abazala bami bevakasha ngoba sidlala ibhola nomasicashelane. Kwesinye isikhathi udadewethu omncane ufuna ukudlala nathi, kodwa akakwazi. Usemncane kakhulu.

Sinezilwane eziningi. Nginenhlanzi enombala wegolide kanye nenyoni. Udadewethu unomdlwane nekati elihle elincane. Kwesinye isikhathi ikati elincane liyaye lifune ukudla inhlanzi yami.




Yenza uhla lwamalunga omndeni wakho.
Yisho ukuthi ahlobene kanjani.

| Igama | Ubuhlobo | Ubudala |
|---|---|---|
| UPhetro | Umzala | 12 |
| | | |
| | | |

Usuku:



Masibhale

Amagama ayizenzo asitshela ukuthi kwenzekani. Funda umusho ngamunye udwebele igama eliyisenzo. Manje kokelezela umuntu noma into eyenza isenzo leso.














| |
|---|
| Izinyoni ziyandiza. |
| Ikati liyagxuma. |
| Amadada ayabhukuda. |
| Izingane ziyadlala. |

| |
|---|
| Iwashi liyahamba. |
| Intombazana iyacula. |
| Ingane iyakhala. |







Masizijabulise

## Isipho esikhethekile selungu lomndeni

Gcwalisa igama lomuntu.

Uhlobene kanjani nawe? Ngumama wakho, ubaba noma udadewenu?

Chaza ukuthi uziphethe kanjani. Yini eyenza lo mndeni ube ngokhethekile?

Imiklomelo ikhishwe ngu-

Usuku

Dweba umuntu.

# Isiphicaphicwano

110

Masizijabulise

Qondanisa iziphicaphicwano nezithombe ezifanele.
Manje gcwalisa izimpendulo ezikhaleni ezinikeziwe.
Ungasebenzisa la magama azokusiza.





| Isiphicaphicwano | Impendulo |
|---|---|
| Ngimkhulu, ngimkhulu. Ngiphile ezikhathini zakudala. Ngiyini? | indlu |
| Umqala wami mude. Ngidla amakhasi ezihlahla. Ngiyini? | |
| Nginamadlebe amade. Ngiyagxumagxuma. Ngigijima kakhulu. Ngiyini? | |
| Ngithanda ukudlala. Ngithambile. Ngiyini? | |
| Ngimkhulu. Wena uhlala kimi. Ngiyini? | |
| Ngiluhlaza, ngiphuzi, ngimuhle. Ngiyini? | |
| Ngimkhulu nginsundu. Ngigijima kakhulu. Ngiyagxuma. Ngiyini? | |
| Ngiyabanda, nginoshukela, ungangidla. Ngiyini? | |
| Ngiphatha indlu yami konke lapho ngiya khona. Ngiyini? | |
| Ngivuke uma kufika imvula. Ngiyini? | |

# UJojo nesiqu sikabhontshisi



Masifunde





Kwakukhona umfana igama lakhe unguJojo. UJojo wayehlala nonina. Wayengenayise. Ngenkathi uyise esaphila izimuzimu elikhulu lantshontsha ihabhu lakhe kanye nesikhukhukazi esasizalela amaqanda egolide.



UJojo nomama wakhe babehlupheka kakhulu. Umama wakhe wamtshela ukuthi ahambise inkomo emakethe ayoyithengisa.

Usuku:

Endleleni, uJojo wahlangana nomninisilaha, owamkhombisa obhontshisi abahlanu ababenomlingo. UJojo wamnika inkomazi wathatha ubhontshisi onomlingo.







Umama kaJojo wathukuthela. Wajikijela ubhontshisi ngefasitela. Balala bengadlile noJojo ukudla kungekho.

# UJojo nesiqu sikabhontshisi (iyaqhutshwa)






Ngakusasa kwasekumi isiqu esikhulu esiphakeme sikabhontshisi sidlula indlu. UJojo wagibela kuso waya phezulu kakhulu.

Ngenkathi uJojo ephezulu, wabona ukuthi izimuzimu lalihlala khona lapho phezulu. Wabona ihabhu likayise kanye nesikhukhukazi sakhe. UJojo wathatha igolide wehlika nalo ngaso isiqu sikabhontshisi.



Usuku:

Ngosuku olulandelayo wagibela futhi uJojo esiqwini eseyolanda ihabhu likayise. Wayibona inkukhu kayise eyayizalela amaqanda egolide.

UJojo wathatha ihabhu nesikhukhukazi. Lavuka izimuzimu! Lamsukela lamgijimisa uJojo.







UJojo wehla ngesiqu sikabhontshisi ngenkathi izimuzimu liza ligijima emva kwakhe.

# 112b UJojo nesiqu sikabhontshisi (iyaqhutshwa)

UJojo wabiza umama wakhe. Weza egijima nembazo umama kaJojo.




Umama wakhe wasicanda isiqu ngejubane. Ngaphambi kokuthi izimu limbambe uJojo, sawa isiqu sikabhontshisi.




UJojo nomama wakhe bahlala kahle unomphela.



Okuqukethwe

# Indikimba 8: Ubungani nokunakekelana

Ithemu 4: Amasonto 5 – 8


113 Isipho sikaBusi sosuku lokuzalwa 104
Ufunda itekisi elixoxa ngosuku lukaBusi lokuzalwa.
Ufunda isikhangiso sebhayisikili.
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.
Ubhala umyalezo ekhadini losuku lukaBusi lokuzalwa.
Uhlela amagama ngokwemisindo Imisindo: ndw, ngw.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Kopisha amagama lo, la.

114 Ngabe uzolithenga leli bhayisikili? 106
Uxoxa ngezikhangiso zomsakazo nezikamabonakude.
Ulingisa okuzokhangiswa ngakho kumabonakude.
Uphendula imibuzo ngokulingisa ngesikhangiso.
Ubhala izindaba zabo.
Ulebula isithombe sebhayisikili.

115 UBusi uthenga ibhayisikili 108
Ufunda itekisi elixoxa ngoBusi.
Uphendula imibuzo ethile ebhekiswe etekisini.
Uhlela amagama ngokwemisindo (gaxwa, izwi, ingoma, wamsiza).
Kopisha amagama oma, osa.

116 Abangani beqiniso njalo-njalo 110
Uxoxa aphinde aqagele endabeni.
Ugcwalisa amabhamuza enkulumo.
Ubhala umlayezo emakhadini abangani.
Ubhala isiphetho sendaba.
Ulungisa amagma adidene.
Kopisha amagama ina, iwa.

117 UDeda udlala ibhola lezinyawo 112
Ufunda itekisi elixoxa ngoDeda edlala ibhola lezinyawo.
Wenza uhla lwamagama avela etekisini.
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.
Ubhala imisho yenkulumongqo.
Uhlela amagama ngokwemisindo nkw, njw.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.

118 UDeda ulimala unyawo 114
Unikeza izithombe izinombolo ukukhombisa ukulandelana kwezehlakalo.
Ubhala umusho ngesithombe ngasinye.
Usebenzisa izifinyezo.
Uqondanisa amagama amqondo ofanayo.
Umsebenzi wokuzijabulisa.

119 Ukusiza abanye 116
Ufunda itekisi elixoxa ngokusiza abanye.
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.
Ubhala imisho ngokusiza abanye.
Uhlela amagama ngokwemisindo nqw, nzw.
Ufunda amagama alalele imisindo.
Kopisha amagama aba, emi.

120 Esidinga ukukwenza 118
Ubeka uphawu kukhwizi emayelana nabakwenza ukusiza ekhaya.
Uthola amagama afanele etekisini.
Ukhetha isabizwana esifanele.
Umsebenzi wokuzijabulisa.

121 Siyagubha 120
Ufunda itekisi ngezinhlobo ezahlukahlukene zemigubho.
Ubhala ethebhuleni izimpendulo ezimayelana netekisi.
ubhala imisho ngeholidi abaligubhayo.
Uhlela amagama ngokwemisindo ntw, nsw.

Kopisha amagama ima, cha

122 Sisagubha 122
Ingxoxo nokuqagela ngezithombe.
Uthola izenzo.
Amalungiselelo onayako azayo ugondaniso imisho.


123 Kulo nyaka nakozayo 124
Ugcwalisa imisebenzi yenyanga ngayinye ekhalendeni.
Ugcwalisa ikhalenda lezinsuku zokuzalwa.
Uhlela amagama ngokwemisindo njw, ngw.
Ufunda amagama alalele imisindo.
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.
Ukopisha amagama le, ima, lo, izinja.

124 Ukubhala indaba 126
Uxoxa ngesakhiwo sendaba nomngani.
Ugcwalisa uhlelo lwendaba.
Ubhala indaba encwadini yezinto ezisikwayo zendaba.

Wena ubalulekile 129

Isichazamazwi sami 130



# Isipho sikaBusi sosuku lokuzalwa





Masifunde

NgoMgqibelo odlule uBusi ubegubha usuku lokuzalwa. Ubegubha iminyaka eyisi-9. Ubejabulile, nakhu umalume wakhe umphe ama-R50 ukuze azithengele isipho esihle. OBusi noPhumi babe sebebona le phosta ekhuluma ngebhayisikili.

## IBHAYISIKILI ELITHENGISAYO

Mantombazana, niyekelani ukuya esikoleni ngamabhayisikili?

Ibhayisikili lamantombazana amahle liyathengisa.





### Licishe libe lisha.

Libukeka kanjani-ke?

- Ibhayisikili lamantombazana elingama-55cm.
- Linobhasikidi wokuphatha onodoli, ibhodlela lamanzi lepulastiki kanye namabhuleki asebenzayo.
- Linefulemu eliphinki nemishwe emhlophe, isihlalo esiphinki, sikwazi ukwehliswa sikhushulwe, linezimpondo eziqqokisiwe.
- Iketanga lemboziwe ukuze ungangcoliswa wuwoyela emilenzeni.

Ligibele ulizwe ngaphambi kokulithenga.
Shayela uBarbie enombolweni ethi 012 012 0120



Masibhale



| | |
|---|---|
| Yini ethengisayo? | |
| Ngubani oyithengisayo? | |
| Ithini inombolo yothengisayo? | |
| Yintsha le nto ethengisayo? | |
| | |

# Ngabe uzolithenga leli bhayisikili?





Masenze lokhu

Uke wabona noma walalela izikhangiso ezinhle kuthelevishini noma emsakazweni? Yini enhle ngazo?

Eqenjini lakho ake nidlale umdlalo oyisikhangiso seTV esikhangisa ngebhayisikili, noma okunye nje eningakucabanga.






Yini enifuna ukuyithengisa?



Masibhale

Funda imisho bese ukhetha igama elifanele uqedele ngalo umusho.

| |
|---|
| Namhlanje uBusi noPhumi basesitolo/bebesesitolo samabhayisikili. |
| Bona babuka/bebebuka amabhayisikili. |
| UBusi uphiwe/uphiwa imali engama-R50 ngosuku lokuzalwa. |
| Izolo bebesekhonsathini/basekhonsathini yesikole. |
| UJabu ubengusomahlaya/ungusomahlaya ekhonsathini. |



Usuku: ____________________



**Masibhale** Bhala izindaba eziqoqwe nguwe.

| |
|---|
| Namhlanje ekhaya |
| |
| |
| Namhlanje esikoleni |
| |
| |
| Izolo ekhaya |
| |
| |
| Izolo esikoleni |
| |
| |



**Masizijabulise** Buka umdwebo webhayisikili ukhulume nabangani bakho ngezingxenye zalo ezahlukahlukene. Khuluma ngokuthi izingxenye zalo zakhelwe ukwenzani. Gcwalisani-ke manje la malebuli ezingxenye ezahlukene zebhayisikili.



izimpondo

isihlalo

okokushova

amabhuleki

ifulemu

# 115 UBusi uthenga ibhayisikili



Masifunde



OBusi noPhumi baye bayobona ibhayisikili. Umthengisi ubaxwayise wathi, "Ningalithengi ningaligibelanga nalizwa."

UBusi uye waligibela ibhayisikili walizwa. Likhombise ukuba nejubane.

UPhumi naye waligibela. Wathi, "Busi, lihle leli bhayisikili ngempela."

Inkinga ukuthi libiza amaR60 kanti uBusi uphethe amaR50 kuphela.



Ngesonto eledlule uBusi ubeqeda iminyaka eyi-10, umalume wakhe wamupha amaR50.

UBusi usuke waya ekhaya wafika wacela uyise ukuthi amuphe amaR10. Uyise uthe, "Ngizokunika imali engangamaR10, kodwa ngicela ungisize esivandeni kuqala." UPhumi wathi, "Ngizokusiza nami, Busi."

Abangani bayasizana.

Abangani bayalalelana.

Abangani bayanakekelana.

UPhumi wamsiza uBusi esivandeni. Basusa amahlamvu banisela izitshalo.



"Ngiyabonga ngokungisiza, Phumi," kusho uBusi.

"Abangane bamelwe ukuba njalo," kusho uPhumi.

Usuku: ____________



**Masibhale** Phendula le mibuzo. Bhala izimpendulo zakho ethebhuleni.

| | |
|---|---|
| Libize malini ibhayisikili? | |
| Ube namalini uBusi? | |
| Ugcine edinga malini uBusi? | |

| |
|---|
| Kudingeke enzeni uBusi ukuze athole enye imali? |
| |
| Kungabe uPhumi ube ngumngani omuhle? Usho ngani? |
| |
| Umngani wakho omuhle ukwenzelani wena? |
| |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

ingane · zwakala · gaxwa · umsebenzi

ingoma · izwi · baxwaya · uNomsa

| ubaxwayise | nalizwa | inkinga | wamsiza |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |


**Amagama okubhekisiswa**

lihle

uthe

imali

zakho





**Masibhale** Kopisha la magama.

oma

osa

# Abangani beqiniso njalo-njalo



**Masenze lokhu**

Buka lezi zithombe. Xoxa nabangani bakho ngokuthi indaba ingahle iphele kanjani. Manje gcwalisa ibhamuza lenkulumo lokugcina usho ukuthi laba bantwana benzani.



# UDeda udlala ibhola lezinyawo



Masifunde



NgoMsombuluko oDeda noJabu bebeye ebholeni lezinyawo beyoziqeqesha. UDeda ushiye izicathulo zebhola ekhaya. UMqeqeshi wathi, "Awukwaz' ukudlala ngaphandle kwezicathulo zebhola. Uzolimala."



Nokho uDeda akazange alalele. Waqhubeka nokudlala. UDeda ufake amagoli amathathu.

"Hheyi, uyadlala wena! Kuhle lokho," kumemeza uJabu.



Masinyane, uDeda wasikeka onyaweni. Kwaba buhlungu.

"Ngizofika kanjan' ekhaya?" esho efuna ukukhala.

"Ungahlupheki, ngizokusiza," kusho uJabu.

UJabu noDeda bagibela ibhayisikili.



UZethu wathwala isikhwama sikaDeda. Bathatha uDeda baya naye ekhaya.

"Mama, ngilimele," kusho uDeda.

"Bewuganga naw' ukuthi bewungadlala ngaphandle kwezicathulo zebhola," kusho umama.

Ukweqeka konkamisa kwezenzeka uma amagama amabili ezwakala sengathi ahlangana aba ngelilodwa uma sikhuluma. Uma siwabhala sisebenzisa uphawu (') ukukhombisa lapho kweqeke khona unkamisa. Nazi ezinye zezibonelo: akekh' ekhaya; ubuy' emini; ulal' ehhotela.

Masibhale

| Bhala phansi uhla lwawo wonke amagama anonkamisa abeqekile kule ndaba. | | |
|---|---|---|
| | | |
| | | |

Usuku:

## Amagama okubhekisiswa

onyaweni


efuna

naye

kusho

Phendula le mibuzo-ke manje.

| |
|---|
| Sazi kanjani ukuthi uDeda udlale kahle? |
| |
| Ufike kanjani ekhaya uDeda? |
| |
| Ngubani omunye omsizile uDeda? |
| |
| Kungabe oJabu benoZethu bangabangani baDeda? Usho ngani? |
| |



**Masibhale** Bhala ngaphakathi kwabacaphuni amazwi abawasho kuDeda.

| | |
|---|---|
| uMqeqeshi | " " |
| uJabu | " " |
| uMama | " " |



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo. Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

isinkwa injwayelo

kuhanjwa inkwethu

inkwali kwethenjwa

inkwantshu

wabanjwa



**Masibhale** Kopisha la magama.

*ina* *iwa*

# UDeda ulimala unyawo



**Masenze lokhu** Nikeza lezi zithombe izinombolo ngokulandelana. Manje bhala umusho ngesithombe ngasinye.






| |
|---|
| Okokuqala |
| Emva kwalokho |
| Emva kwalokho futhi |
| Ekugcineni |

**Masibhale** Dweba umugqa ukuqondanisa amagama asho okufanayo.

| | | |
|---|---|---|
| wen' omkhulu | | evela emafini |
| uz' usho | | labo elisha |
| lal' ubuthongo | | wena omkhulu |
| evel' emafini | | lala ubuthongo |

| | | |
|---|---|---|
| kusuk' uthuli | | evuka ekuseni |
| lab' elisha | | kusuka uthuli |
| amathamb' ekhanda | | amathambo ekhanda |
| evuk' ekuseni | | uze usho |


Usuku:



Masibhale Bhala phansi ukweqeka konkamisa emagameni anombala obomvu.

| | |
|---|---|
| Ngiyile ukuyodlala ibhola lezinyawo. | Ngiyil' ukuyodlala |
| Bazohambisa uDeda ekhaya. | |
| Siya esikoleni manje. | |
| Uzofika emva kwesikhathi esikoleni namuhla. | |
| Akazange aziphathe izicathulo zebhola uDeda. | |





Masibhale Dweba umugqa usuke emagameni asemgqeni ongenhla uye emagameni asho okufanayo emgqeni ongezansi.




| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| awuzwa | mude | umgwaqo | ujabulile | bheka |
| | | | | |
| udumele | isitaladi | uphakeme | bona | awulaleli |



Masizijabulise

Hlanganisa amachashazi ukubona ukuthi yini le.





# Ukusiza abanye






Sonke kubalulekile ukuthi sisize abanye abantu zonke izinsuku.

Uyabasiza abanye abantu?

Wenzani ukusiza abanye abantu?

Ngobani abakusizayo wena?

Bakwenzelani?



**UDeda noBusi**
Sisiza esivandeni. Sihlakula ukhula sinisele izitshalo.



**UPhumi noPhetro**
Siyasiza ekhaya. Sisiza ukugeza izitsha.



**OPhumi noBusi**
Sisiza ukuphatha abantwana bakithi.



**UJabu**
Ngisiza ugogo. Ngimsiza ukuthi awele umgwaqo.

Usuku:

**Amagama okubhekisiswa**

- ukhula
- ugogo
- awele
- ukugeza




**Masibhale** Funda indaba bese uphendula imibuzo.

Ngubani osiza ugogo wakhe?

Benzani oPhumi noBusi ukusiza?

Ngubani ogeza izitsha?

Ngubani ohlakulayo?




**Masibhale** Bhala imisho emi-2 usho ukuthi ubasiza kanjani abanye abantu.



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

esenzweni | inqwaba | enkonzweni | kukhonzwa | inzwabethi | kusetshenzwa | kuhlanzwa | kuhonqwe

| izinzwa | umnqwazo | izinzwane | ezenzweni |
| --- | --- | --- | --- |
| | | | |
| | | | |



**Masibhale** Kopisha la magama.

aba

emi

# Esidinga ukukwenza





**Masenze lokhu** Beka uphawu (✓) ezintweni ozenzayo ukusiza.

| | |
|---|---|
| Ukugeza izitsha | Ukupheka |
| Ukususa uthuli | Ukuqaphela izilwane |
| Ukuhlanza indlu | Ukulanda amanzi |
| Ukushanela | Ukubasa umlilo |
| Ukuphatha abantwana | Ukusiza esivandeni |
| Ukusiza abantu abadala | Ukusiza uma kuyiwa esitolo |





**Masibhale** Bhala ukhombise ukweqeka konkamisa emagameni adwetshelwe.




alikudlang' ukudla | sizodlal' umdlalo | abasebenz' esivandeni | alikufun' ukudla | lifun' ukudla

| | |
|---|---|
| OPhumi noBusi abasebenzi esivandeni. Basiza ukuqaphela ikati elincane. | abasebenz' esivandeni  |
| Ikati elincane alikudlanga ukudla kwalo. | |
| Lona alikufuni ukudla manje. | |
| Sizodlala umdlalo nalo. | |
| Mhlawumbe lizobuye lifune ukudla futhi. | |

Usuku: 

**Masibhale** Gcwalisa manje ngesabizwana yena, sona noma lona ukuqedela umusho ngamunye.

yena | sona | lona



| | |
|---|---|
| Ikati lami lisesihlahleni. ____________ alikwazi ukwehla futhi. | |
| Isihlahla siphakeme. ____________ siphakeme kunendlu. | |
| UJabu uzolehlisa. ____________ uzogibela alilande. | |
| UPhumi uzombambela ilada. ____________ uzoqiniseka ukuthi uJabu akawi. | |

**Masizijabulise** Phonsa uhlamvu lwemali. Uma kuyikhanda phezulu, hamba uye phambili izindawo ezi-2. Uma kungelona ikhanda, qhubeka indawo eyodwa. Uma ufika endaweni wenze okushiwo kuleyo ndawo.



# Siyagubha







**Masifunde** Emhlabeni wonke abantwana bayathanda ukuphiwa izipho.




Kuzofika uKhisimuzi masinya. Sizothola izipho. Sizopha abangani bethu izipho nathi. Sizoba nehlahla likaKhisimuzi. Izipho sizozibeka ngaphansi kwehlahla. NgoKhisimuzi siyaye sidle amakhekhe namaswidi.




Masinyane kuzoba neHanukkah. Sizoba nokudla okumnandi okuningi. Siyathanda ukudla amakhekhana amancane. Siyathanda futhi ukuphiwa izipho.




Kuzofika uDiwali masinyane. Sizophiwa amabhokisi amaswidi nezipho. Sizokwenza indlu yethu ibukeke kahle ibe neziqhumane futhi.





Masinyane kuzoba no-Eid. Nginethemba lokuthi sizothola izipho ezinhle. Siyaye siphe abangani izipho nathi. Siba namakhekhe amaningi namaswidi, sidle.

Usuku:

**Masibhale** Gcwalisa igama lomntwana ngamunye bese uqedela ithebhula.

| Igama | Iminyaka yobudala | Iholidi | Bazodlani? | Kungabe bazoba nazo izipho? |
|---|---|---|---|---|
| uPhumi | 8 | likaKhisimuzi | Amaswidi nekhekhe | Yebo |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |

Yiliphi iholidi ozoba nombungazo walo? Uzowenza kanjani umbungazo?



**Sisebenza ngamagama** Funda amagama ulalele imisindo.
Manje bhala imisho yakho emibili encwadini yakho yokubhalela.

esontweni donswa umntwana inswani

entweni inswebu kuntwela emdansweni

**Amagama okubhekisiswa**
yethu
izipho
siphe
sidle

| ezintweni | ezinsweni | ntweza | nswi |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |



**Masibhale** Kopisha la magama.

*ima*

*cha*

# Sisagubha





**Masenze lokhu** Khuluma nomngani wakho mayelana nokwenzeka esithombeni.



## Okokuqala



## Emva kwalokho

## Izenzo



**Masibhale** Kokelezela igama bese udwebela isenzo esisitshela ngokuthi umuntu wenzani.


UZethu udlala ikhilikithi.



UShado ufunda incwadi.

UJabu ugijima emqhudelwaneni.

UMimi uyabhukuda uma kuphuma isikole.



UPhumi udlala ibhola lomnqakiswano.

UFathima uphuthuma ibhasi.

UBusi ugibele ibhayisikili lakhe.

Usuku:

# Amalungiselelo ami onyaka ozayo



Masibhale Phendula le mibuzo.

| Kuzoba yimuphi unyaka ozayo? | |
|---|---|
| Wenza maphi amalungiselelo onyaka ozayo? | |
| | |
| | |
| | |
| | |

Masibhale Qondanisa umusho osebhokisini eliphuzi nomusho ofanele ebhokisini elisasibhakabhaka.

| | |
|---|---|
| Ibhubesi laqala lafuna ukudla. | Ngalanda isambulela sami. |
| Ikati ligijime lagibela emthini. | Bekuwusuku lukaLizi lokuzalwa. |
| Umfana ukhahlele ibhola kakhulu. | Zabaleka izilwanyana ezincane. |
| Abantwana badlale ngomentshiso. | Ifasitela lesikole labulawa yibhola. |
| Sibhake ikhekhe ngoMgqibelo. | UBusi uzishise iminwe. |
| Belina. | UJabu wayeselanda ilada. |

# Kulo nyaka nakozayo





**Masifunde** Gcwalisa ngezinto ozenze ngezinyanga ezahlukene zonyaka odlule.



| | | | |
|---|---|---|---|
| uMasingana | uNhlolanja | uNdasa | uMbasa |
| uNhlaba | uNhlangulana | uNtulikazi | uNcwaba |
| uMandulo | uMfumfu | uLwezi | uZibandlela |

Sibe nonyaka omatasatasa. Sidlale imidlalo. Senza umsebenzi wesikole. Sanakekela abanye abantu. Sathola abangani. Saqaphela izilwane zethu. Safunda ngesimo sezulu kanye nezikhathi zonyaka. Safunda ngabanye bethu.



**Masibhale** Gcwalisa amagama ezinyanga eziyisi-6. Manje bhala ukuthi wenzeni ngenyanga ngayinye.

| | |
|---|---|
| 1 | |
| 2 | |



# Wena ubalulekile.
# Umzimba wakho wonke ubalulekile.
# Umzimba wakho ungowakho!





**AKEKHO UMUNTU okufanele athinte izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu othinta izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu okwenzisa izinto ongazifuni.**



**Lapho ungashayela khona ucingo uma udinga usizo:**

**Child Line: 0800 05 55 55**

**SAPS Crime Stop: 086 00 10111**

**SAPS Emergency Number: 10111**

**Life Line: 0861 322 322**

**Child Protection Unit: 012 393 2359/2362/2363**

